# *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*

Ngiyabonga, mnumzane.

2 Kuhle kakhulu ukuba lapha futhi kulentambama, emva kokuba nesikhathi esimnandi kangaka kulokhu ukusa ekuhlanganyeleni ngaseZwini leNkosi. Siyajabula ngokuvakasha kwethu futhi nani bantu abakahle lapha e—enkangala.

3 Futhi kulokhu ukusa besikhuluma ngendaba yokuzuza ngempumelelo, futhi i*Ndlela Ehlinzekwe nguNkulunkulu*. Futhi bengitshela labo abebeseklasini kulokhu ukusa, ukuthi amadoda azama ukuzizuzela ngempumelelo okuthile, njalo, into ethize abangathi, "Ngenze *lokhu*," noma, "Ngenze *lokho*."

4 Futhi besikhuluma ngendaba yokuthi kuyoba kuhle kanjani, ukuthi izindaba ziyosakazela kanjani ezweni lonke emizuzwaneni embalwa, uma abantu bebengathola indlela yokulawula imvula, ukuyibeka ezitshalweni noma bayisuse ezitshalweni; noma kanjani ukuthi uma bebengathola umuthi wokwelapha ndawo ndawo, bekungabangela ikhehla libuye libe ngosemncane, nowesifazane abuye abemncane, futhi aphile kuze kube phakade, ngani, bebe—bebeyothumela izindaba ndawo zonke. Bazama ukuzuza ngempumelelo lokho, kodwa sekuvele kuzuziwe ngempumelelo. UKristu usenzele lokhu. Futhi UngokuZuzwe ngempumelelo kukaNkulunkulu ngathi, futhi sifanele siMkholwe.

5 Manje, lezizinkonzo azifanele zibe. . .Ngesinye isikhathi zibizwa ngezinkonzo zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Manje, angikholwa ukuthi ukhona umuntu ongaphulukisa abantu. Ngikholwa ukuthi ukuphulukisa kwenziwa ngokukholwa kuKristu, njengensindiso. Akekho obengathethelela izono zethu. Sezivele zithethelelwe. UKristu wasindisa izwe esonweni ngenkathi Efa eKalvari. Akusoze kwakusiza ngalutho ngaphandle uma ukwemukela njengenzuzo yakho siqu. Futhi kungaleyondlela ngokuphulukisa. Konke lokho uNkulunkulu ayengakwenzela abagulayo nabahluphekile, Wakwenza ngenkathi Efa eKalvari. Futhi manje, Wasithengela lokho, lokho kwakungukuzuza ngempumelelo kwaKhe, manje, kodwa ukukwemukela, sifanele sikwemukele njengempahla yethu uqobo, insindiso.

6 Ngingahle ngibuze namhlanje, "Bangaki kini bantu abasindiswa eminyakeni eyishumi edlule na?" Izandla eziningi beziyophakama. "Bangaki abasindiswe ngonyaka odlule na?"

Izandla beziyophakama. Kodwa niyabo, awusindiswanga eminyakeni eyishumi edlule, noma ngonyaka odlule, wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, wakwemukela eminyakeni eyishumi eyedlula, noma—noma noma nini lapho wakwemukela.

7 Manje, sekuvele kungumsebenzi osuqediwe. IBhayibheli lathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yayo saphulukiswa thina." Niyabo? Yinkathi edlule, into ethize eyenziwe. Kulula kakhulu, futhi nokho ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungomunye wophisi abakhulu bobuciko ababedlula bonke beBhayibheli, ophisi bobuciko odlula konke bakaNkulunkulu owanikezwa iBandla lamaKristu, osekuyisikhathi eside ukhohlwakele, kudala. Kodwa kuyinto ethize engeyethu, yinto ethize, yimpahla yakho siqu.

8 Futhi manje, ukusho ukuthi akunjalo, sebefike emva kwesikhathi kakhulu ngalokho. Kodwa ngithathe cishe uhambo oluyisikhombisa emhlabeni jikelele, futhi ngikubonile kuzo zonke izizwe, amashumi ezinkulungwane ezimpumputhe, izithulu, izimungulu, abahluphekile, imidlavuza, izimila, uchoko, futhi ngisho esefile, nezitatimende zikadokotela zibhaliwe, kade efile amahora, futhi wavuswa waphila futhi. Ngakho manje lezo nje ngeke zaba yisitatimende nje, besingeke sikwemukele kanjalo, udokotela ufanele asho njalo, niyabo. Kufanele kube yisitatimende esiyiqiniso ngaphambi kokuba sisishicilele.

9 Futhi kukhona amashumi ezinkulungwane esingakaze sishicilelwe, ngoba angikho kakhulu kangako ekushicileleni izinto, ngaphandle uma nje kuphakathi kwethu uqobo. UJesu wathi endaweni eyodwa, "Ungatsheli muntu ngakho. Qhubeka nje futhi unike uNkulunkulu udumo." Ngakho ngiyacabanga namhlanje, sigcizelela kakhulu ekushicilelweni nento ethize ebukisayo.

10 Kodwa uKristu akasuye owokubukisa, UyiNdodana kaNkulunkulu, ethobekile. Abantu bangakholwa kanjani ngaphandle uma babemiselwe ukukholwa na? Kwakukhona abantu abaningi ezinsukwini zaKhe abangakukholwanga, kodwa Weza kulabo abakukholwa.

11 Esikhathini esithile esedlule indoda yathi kimi... ngangifunda udatshana, futhi yathi i...mayelana nengane encane ezansi eMexico eyayifele emhlanganweni, noma, yafa ngalokho kusa cishe ngelesishiyagalolunye nqo, futhi leli kwakungeleshumi nanye ngalobobusuku, nodokotela wasayina isitatimende ukuthi umemezele ukuthi ingane ifile ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa, futhi ngeleshumi nanye ngalobobusuku yayiphila. Ngayikhulekela lapho, emva kokubona umbono, futhi ngakhuleka futhi ngabeka izandla phezu kwengane encane ngaphambi cishe, o,

abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu, noma ezingamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, nengane encane iqala ukukhahlela futhi idazuluka, futhi yaphila, futhi iyaphila namhlanje, ngokwazi kwami. Udokotela wasayina isitatimende ngakho.

12 Futhi ngakho lokho sekuthi akube kahlanu ukuthi ngibone okunjalo kwenziwa. Futhi ngakho indoda yathi kimi, "Ngizobheka lokhu ukubona ukuthi lokho kuqinisile yini."

Ngathi, "Ngizokusindisela inkathazo, *nasi* isitatimende sikadokotela."

13 Yathi, "Uma—uma ubungavuka, uma—uma uhamba futhi ukhulekele izinkulungwane futhi ziyovuka kwabafileyo, noma, nomdlavuza," yathi, "Ngisalokhu ngingakukholwa."

14 Ngathi, "Impela ngeke, akusikho okwabangakholwayo, kungokwalabo abakholwayo nje." Lokho—lokho kunjalo, akunjalo na? Kunjalo. Angasebenzana kuphela nalabo abakholwayo.

15 Futhi kukodwa kuphela, ukungakholwa, asikugcine lokho emqondweni wethu, sinye kuphela isono. Manje ukuphuza, ukugembula, ukuphinga, ukusebenzisa inhlamba, lokho akusiso isono, lokho yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. UJesu wathi, "Ongakholwayo uselahliwe vele."

16 Ezinsukwini zeNkosi yethu, Wathola amadoda amaningi ayephila izimpilo ezingcwele, ahlanzekile, abahloniphekile abanumzane abahloniphekile, futhi babeyizifundiswa, ophisi bobuciko obudlula konke bokufunda. Futhi nokho, Wathi kubo, "Nina ningabakayihlo, udeveli," ngoba abaYikholwanga. Niyabo? UMlayezo, abakholwanga, lokho kwabenza abangakholwayo. Akakwazanga ukubasiza. Ezweni laYo uqobo babebaningi Eyayingenakubasiza, ngenxa yokungakholwa. Ngakho Ibingeke ikusindise ekungakholweni, kanjalo Ingeke ikuphulukise ekungakholweni. Wena . . . Ku—kulula nje njengokuthi, "Kukholwe nje."

17 Manje, ngaphambi kokuba ukholwe noma yini ufanele ube nohlobo oluthize lomqondo walokho okukholwayo, nokuthi kungani. Angikholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukisa abantu ukukhombisa nje amandla aKhe okuphulukisa. Ngikholwa ukuthi Uphulukisa abantu ukukhombisa ukuthi Ugcwalisa iZwi laKhe futhi uyazigcina izithembiso zaKhe. Ngenkathi Efika emhlabeni okokuqala, Wathi Wenza lokhu, "ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa ngomprofethi." Lonke iZwi likaNkulunkulu lifanele ligcwaliseke, konke okwaLo.

18 Ngenkathi uJesu efa eKalvari, siyazi uMphefumulo waKhe waya esihogweni, umzimba waKhe waya ethuneni, uMoya waKhe waya kuNkulunkulu. EKalvari Wathi, "Ezandleni zaKho Ngiyawubeka uMoya waMi." NoMoya waKhe waya kuNkulunkulu, uBaba, ezandleni zaKhe.

19 IBhayibheli lathi uMphefumulo waKhe, Waya esihogweni futhi washumayela ku—ku—kulabo, owayesetilongweni, ongaphendukanga ekubekezeleni kwezinsuku zikaNowa.

20 Umzimba waKhe, siyazi, wabekwa ethuneni futhi bawuvalisisa ngqi nge—ngedwala, itshe elikhulu lagingqwa lenyuswa, futhi lavalwa ngqi. Manje-ke, uJesu qobo lwaKhe, uMoya waKhe, okungukuthi ngamunye wenu niyiwo, lowo kwakunguMoya kaNkulunkulu kuYe, kodwa emva komgoqo, *kanje*, iZwi likaNkulunkulu lilindele ukugcwaliseka. Wayengenakuvuka kwaze kwaba lusuku lwesithathu, ngoba uDavide wayethe, "Angiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni, kanjalo Angiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola." Sonke siyazi ukuthi ukubola kuhlala emzimbeni womuntu emahoreni angamashumi ayisikhombisa-nambili.

21 Manje, Wayazi, ngesinye isikhathi phakathi kwalawomahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, ukuthi Ufanele avuke kwabafileyo, ngokuba Wathi kubo, "Bhubhisa lomzimba, Ngizowuvusa futhi ezinsukwini ezintathu." Niyabo? "Udilizeni . . . dilizani lelithempeli, Ngizolivusa, ngilivuse ezinsukwini ezintathu."

22 Manje niyabo, ukubamba nokugcwalisa iZwi likaNkulunkulu, Wayesemva kweZwi likaNkulunkulu nesithembiso zaze zagcwaliseka lezo zinsuku ezintathu. Emva kosuku lwesithathu, ugange lwadilizwa, ngalokho kusa, ngenkathi isikhathi sesigcwalisekile, uMoya waKhe wehla uvela kuNkulunkulu, wehlela ethuneni, wavusa umzimba waKhe, waphula izimpawu zokufa, isihogo, nethuna, futhi wavuka ephila kuze kube phakade.

23 Manje, Uyaphila namhlanje, uMphefumulo, umzimba, noMoya, Uyaphila. Leyo yingqikithi yezingqungquthela zethu, njalo, ngukuthi "UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade."

24 Manje, phezu kwezisekelo zalokhu, futhi angifuni noma ubani athi, "Mfowethu Branham, umphulukisi ngokukaNkulunkulu," ngoba angikholwa ukuthi kukhona okunjalo, ngiyakholwa ukuthi uKristu unguMphulukisi, futhi ngiyakholwa ukuthi Usiphulukisile, "Ngemivimbo yakhe saphulukiswa thina."

25 Futhi izikhathi eziningi, akungabazeki sinengxube lapha kulelibandla elincane kulentambama, mhlawumbe yawo onke amahlelo ehlukene, amanye, noma, ihlelo amaningi ehlukene, bengifanele ngisho njalo, amaningi awo, mhlampe, ufundiswe ngokumelene nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi izikhathi eziningi amadoda afundisa ngokumelana nakho, engazi ukuthi enzani, nokho, bakwenzile, badweba umcabango oyiphutha, ngoba kumelwe ngokungesikho.

Ngezinye izikhathi iqiniso lingamelwa ngokungesikho futhi nje iqiniso lonakalisiwe.

26 Kodwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuqinisile, yiZwi likaNkulunkulu. Ngakho ngakho-ke, sifanele sisekele ukukholwa kwethu phezu kweZwi laKhe. Niyabo? Manje, kukhona, bese kuthi-ke, kuyinto ethize eyenziwe, into ethize uKristu asevele esenzele yona.

27 Manje, khumbulani, siyakukholwa lokhu: ukuthi iZwi likaNkulunkulu lifanele ligcwaliseke; ukuthi Li, uNkulunkulu ungongenasiphelo qobo lwaKhe; Akanasiphosiso; Ungosezindaweni zonke, owazi konke, onamandla onke, futhi akanasiphelo; uma Engenjalo, khona-ke Akasuye uNkulunkulu; futhi uma Eyi*lokho*, khona-ke Wayazi ukuphela kusukela ekuqaleni. Ngaphambi kokuba kubekhona izwe, Wayazi ukuthi siyobuthana lapha kulentambama, uma Engongenasiphelo. Wazi ukuthi ucabangani enhliziyweni yakho, ngaphambi kokuba izwe lize liqale, Wayazi ukuthi uyobe ucabangani ngalomzuzwana. Wazi ukuthi zonke izimbuzane ezaziyoba semhlabeni, njalo lapho yayiyocwayiza amehlo ayo. Kuchaza lokho okungenasiphelo.

28 Futhi uma Engesuye ongenasiphelo, khona-ke Akasuye uNkulunkulu. Niyabo? Ngakho sifanele sikhumbule ukuthi asiphathelene nento ethize e—esikhathini nasemkhathini njengoba *si*njalo, enesiphelo, sibhekene neNto ethize engenasiphelo. Futhi uma Leli kuyiZwi likaNkulunkulu, khona-ke aLinasiphelo nje njengoba uNkulunkulu engenasiphelo. Niyabo? Nakho lapho okhona. Ufanele ube nokukholwa eZwini, yileyondlela kuphela eLiyosebenza ngayo.

29 NeZwi likaNkulunkulu liyiMbewu. Nani balimi lapha, niyazi uma nifaka imbewu emhlabathini futhi niyinakekele kahle, uma isohlobweni olukahle lomhlabathi, iyoveza lokho imbewu eyikho. Futhi iZwi likaNkulunkulu liyiMbewu, futhi uma uLifaka ohlobweni olufanele lomhlabathi wokukholwa, futhi siLiphathe kahle, Lizoveza lokho nje eLiyikho. Uma Ingokokuphulukisa, Iyoveza ukuphulukiswa; insindiso, insindiso; injabulo, injabulo. Futhi sonke isithembiso eBhayibhelini siyiqiniso.

30 Futhi khumbulani nje, ningangithatha ubufakazi obuqoshiwe ngalokhu, ukuthi isimo sengqondo esikahle sengqondo ngakunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu siyosifezekisa, uma ungathatha isimo sokuziphatha esifanele kulesosithembiso.

31 Manje, iBhayibheli lathi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Manje-ke uma uLizwi *waye*nguNkulunkulu, khona-ke *Usengu*Nkulunkulu.

32 Manje, akukho-muntu ongcono kunezwi lakhe. Uma ningenakulithatha izwi lami, khona-ke a—angisoze ngaba yi . . . ngingaba ngumngane kini. Futhi uma bengingenakulithatha izwi lakho, bengingekwethembe. Kodwa lapho singathathana ezwini lethu, sikholwa yithi! Manje, yileyondlela owenza ngayo uNkulunkulu.

33 Futhi akekho umuntu ongcono kunezwi lakhe. Uma wenza isithembiso, ufanele usigcine njalo, noma usho isizathu sokuthi kungani ungeke, ubazise, ngoba izwi lomuntu liyisibopho sakhe.

34 NeZwi likaNkulunkulu liyiSibopho saKhe. Uma uNkulunkulu engaligcini iZwi laKhe, khona-ke akusilo iZwi likaNkulunkulu. Kodwa uma Egcina iZwi laKhe, khona-ke UnguNkulunkulu eZwini laKhe. UNkulunkulu useseZwini laKhe. Futhi lapho iZwi laKhe lingena kuwe, khona-ke izwi lakho liba yiZwi laKhe, yilokho okukufezayo, noma yini oyicelile. Kulula kanjalo nje.

35 UNkulunkulu unguMdali. UNkulunkulu wadala yonke into. Zonke izinto ezinhle zivela kuNkulunkulu; nezinto ezingalungile, izinto ezimbi, yinto efanele ephendukezelwe.

36 Manje, uSathane akakwazi ukudala, ngakho-ke, uSathane akakwazi ukuphulukisa. Futhi akukho-muthi ezweni ongakuphulukisa. Akukho dokotela ozokutshela ukuthi unomuthi ozokuphulukisa.

37 Futhi ngingahle ngisho lokhu: Asimelene nodokotela. Siyabonga ngodokotela nangomuthi wabo. Kodwa siphila osukwini lapho sinodokotela ababedlula bonke esake saba nabo, umuthi ongcono ukwedlula yonke esake saba nayo, izibhedlela ezedlula zonke esake saba nazo, nokugula okuningi ukwedlula esake saba nakho, ngoba sinokuningi ukungakholwa kunoma sake saba nakho. Leyo nje yi—yindaba yakho.

38 Ngike ngaba nengxoxiswano nguJohns Hopkins, iMayo Brothers; niyazi ukuthi inkonzo enjengale ihamba kanjani. NoJimmy Mayo nabo, bathi, "Asizisho ukuthi singabaphulukisi, Mfowethu Branham, sizisho ukuthi sisiza imvelo. Munye uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu," wathi, "singalisusa izinyo, kodwa ubani ozophulukisa indawo lapho eliphuma khona na? Singayisusa i-aphendiksi, kodwa ubani ophulukisayo na? INto ethize izofanele idale."

39 Lapha, uma nginquma isandla sami kulentambama, futhi, asinawo umuthi kuyo yonke isayense yezokwelapha ukuphulukisa lokho kusikwa ngummese esandleni sami, akukho nowodwa. "Ngani," wena uthi, "yebo, sinawo, Mfowethu Branham."

Ngiyakuncenga ngitshele ukuthi uyini. Yebo, mnumzane. Abantu abaningi bafa ngokusikwa ngummese. Niyabo? Ngitshele ukuthi yini ukuphulukisa.

"Awu," ubungathi, "Awu, bafaka umjovo kazifozonke kukho."

Umjovo kazifo zonke awuphulukisi, ugcina nje kuhlanzekile ngenkathi uNkulunkulu ephulukisa.

"Awu," wena uthi, "awu . . . "

Noma yimuphi umme- . . . noma yimuphi umuthi, phulukisa ukusikwa ngummese esandleni sami, bekungaphulukisa ukusikwa ngummese ebhantshini lami, bekungaphulukisa ukusikwa ngummese kulelideski.

"Awu," ubuyothi, "Mfowethu Branham, umuthi awenzelwanga ijazi lakho noma ideski lakho, wenzelwa umzimba wakho."

40 Awu, mhlampe khona-ke, bengiyonquma isandla sami kulentambama futhi ngiwe phansi ngife. Futhi ungehlisele lapha emakhazeni, futhi, isikhungo somngcwabi, futhi lapho bebeyogqumisa umzimba wami ngoketshezi, bekungangenza ngibukeke ngingowemvelo iminyaka engamashumi amahlanu. Ungijova ngomjovo kazifozonke nsuku zonke. Makuthi odokotela ababedlula bonke bavele eNgilandi, eJalimane, noma ngabe bangaba kuphi, futhi banginyange iminyaka engamashumi amahlanu. Lokho kusikwa ngummese kuyofana ncamashi njengoba kwasikwa ngalo impela usuku lokuqala.

41 Manje, uma umuthi wenzelwa ukuphulukisa umzimba womuntu, kungani ungawuphulukisi na? Niyabo? Khona-ke umuthi awenzelwanga ukuphulukisa umzimba womuntu noma lutho.

42 Manje, wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ukuphila kuphumile emzimbeni wakho." Manje, sisemgqeni. Manje, yimuphi umphulukisi-ke, umuthi noma ukuphila na? Futhi ngitshele ukuthi kuphila kuyini, ngizokukhombisa ukuthi uNkulunkulu uyini, niyabo, ngoba uNkulunkulu ungukuPhila. Niyabo? Umuthi awuwakhiqizi amangqamuzana.

43 Uma ngephuke ingalo yami, phandle lapha ngisebenza emotweni yami, futhi ngagijima ngehlela lapha kudokotela, yikuphi okungaba yinto ephusile ukuba yenziwe, futhi uthi, manje, kodwa lokhu bekungeke kube ngumqondo ophusile: Bengiyothi, "Dokotela, awusho, phulukisa ingalo yami ngokushesha impela, mnumzane, ngifanele ngiqedele imoto yami kulentambama."

Ubeyongibuka bese ethi, "Utheni, Mnu. Branham na?"

"Phulukisa ingalo yami, mnumzane. Ungumphulukisi, awunjalo na? Phulukisa ingalo yami ukuze ngingakwazi ukulungisa imoto yami."

Ngani, ubeyothi, "Udinga ukuphulukiswa kwengqondo." Futhi lokho bekungaba yiqiniso. Niyabo?

44 Akakwazanga ukuphulukisa ingalo yami, kodwa wayekwazi ukuyibeka lapho uNkulunkulu ayengayiphulukisa khona. Angeke akhiqiza ikhalsiyamu ne—nempilo ukuhlanganisa lelothambo ndawonye. Ngakho-ke, udokotela, ngokuqonda kwakhe, ubeka ithambo endaweni, kodwa uNkulunkulu uyaphulukisa. Niyabo?

45 AmaHubo 103:3, wathi, "Mayibongwe iNkosi, O mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yaKhe yomusa: Yena othethelela bonke ububi bakho, Ophulukisa zonke izifo zakho." Ngakho iZwi likaNkulunkulu alisoze lehluleka. UNkulunkulu unguMphulukisi, wena ufanele...sifanele njalo sikukhumbule lokho, uNkulunkulu unguMphulukisi.

46 Futhi manje kithi kulelihora, ngaphambi nje kokusondela kweNkosi yethu uJesu...Futhi njengoba ngishilo kulokhu ukusa, inhloso yami lapha bekuseholidini elincane. Abanye babazalwane uzongenyusela lapha ukuba ngiyodoba emva kokuphela kwezinkonzo, futhi ngihambe ngiyozingela. Sengibe sensimini izinyanga eziyisithupha manje, ngingaphumuli. Ngikhandlekile, ngikhathele. Futhi mhlampe manje, khona manjalo, ngizosuka ngiye phesheya kwezilwandle futhi.

47 Futhi manje, ngidlula lapha, emva kokuba nginivakashele kanye, ngicabange ukuthi bekungeke kube kuhle ukwedlula kulesisigejane esikahle sabantu lapha futhi singazami ukuhlonipha iNkosi yethu, nokujabulela inhlanganyelo yenu, nokwenza esingakwenza ukuhlanganisa izinto zethu ukuba sibuke iNkosi yethu uJesu futhi phakathi kwethu. Ngakho yingakho ngilapha lobubusuku obuthathu, noma, izinsuku ezintathu, ngukuhlanganyela nani ngakuKristu, nabazalwane bami lapha, ngasezintweni zikaKristu. Futhi manje, kungaba yinto enkulu eyenzekayo lapha uma nje sizobeka umqondo wethu eZwini likaNkulunkulu nasesithembisweni sikaNkulunkulu. Yibani nokukholwa.

48 Nina madoda lapha, oganiwe, nabashadelani omkenu na? Ubunokumethemba nokukholwa ukuthi uyoba ngunkosikazi nomama wangempela, kanjalonjalo. Besifazane, buyelani kubayeni benu, indlela efanayo. Izithandwa zicabanga ngomshado, ufundisisa indoda ozoyishada, noma intombazane ozoyishada. Ufanele ube nokukholwa kubo, kungenjalo kungcono ungashadi nabo. Niyabo?

49 Awu, leyo yindlela efanayo okuyiyo ngoKristu. Silapha sitadisha, futhi sifanele sibe nokukholwa kulokho esikuzelayo, ngoba khumbulani, zonke izibusiso zokuhlenga sesivele sithengiwe. Singakukholwa lokho ngenhliziyo yethu yonke na? ukuthi zonke izibusiso zokuhlenga sathengwa, UNkulunkulu wasizuzela ngempumelelo lokho ngeKalvari, noJesu Kristu.

50 UJesu wathi kuBaba, "Kufeziwe." Yini efeziwe na? Lonke icebo lensindiso, yonke into isifeziwe, "zonke izithembiso

eNgazenza," i—idiphozithi ibekwa phambi kukaNkulunkulu, ukuthi zonke izono zithethelelwe, futhi sesibuyile emakethe yezigqila, futhi sonke sesihlengiwe. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu, siphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo saphulukiswa thina." Konke sekufeziwe.

51 Manje, ngifuna ukusondela eZwini imizuzwana embalwa. Futhi ngaphambi kokuba senze lokho, asisondele kuMqalisi weZwi, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko.

52 Baba oNgcwele onoMusa kakhulu noKhazimulayo, uNkulunkulu uSomandla, Owabuyisa futhi, iNkosi uJesu kwabafileyo, waMvusa, futhi waMethula kithi, isiDalwa esiphilayo, iNdodana kaNkulunkulu, futhi iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, uhambe nabantu baKhe emhlabeni, sijabula kakhulu namhlanje, kulesisikhathi esikhulu esesabekayo lapho sitshelwa ukuthi bathole, ocwaningweni, imicibisholo ejikijelwayo ezoqhumisa umhlaba ube yizicucu, futhi cishe impela zonke izizwe zinayo, sazi ukuthi lokho kufanelana ncamashi neZwi likaNkulunkulu lalolu usuku lokugcina. Khona-ke sibona i. . .lezozinto, nezizwe, izizwe ezinesono, izizwe ezingamesabi uNkulunkulu zinalezozikhali, kakhulu noma ngasiphi isikhathi bekungaba khona ukuqhuma, noma kwirada bekungabanjwa imicibisholo ejikijelwayo ivela esizweni esithize, khona-ke bonke bayodedela imicibisholo yabo ejikijelwayo. Izwe belingeke lisinde kukho.

53 Khona-ke siyazi ukuthi lokho bekungenzeka ngaphambi kokusa. Kodwa ngaphambi kokuba lokhu kufezeke, siyatshelwa ukuthi uJesu uzofika ukwemukela abantu baKhe, ngokuba Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa . . . " Ngaphambi nje kokubhujiswa kwezwe, uNowa wangena emkhunjini, ngaphambi kokuna kwemvula.

54 Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, iNgelosi yathi, "Shesha, woza masinyane, uphume lapha, ngokuba Ngingenze lutho uze uphume lapha." NoLoti waphuma eSodoma, kwase kwehla uMlilo, neSodoma labhujiswa ngokuphelele, futhi namhlanje lilele ekugcineni koLwandle oluFile. NoJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa nasemihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

55 Bese kuthi-ke, uma singabona (Futhi isayense ithi sekusele imizuzu emithathu kube phakathi nobusuku.) ukuthi izwe ngeke lasinda kulamahora esibhekene nawo, futhi siyazi ukuthi bekungenzeka noma ngasiphi isikhathi, khona-ke kusondele kangakanani ukufika kweNkosi yethu na?

56 O Nkulunkulu, lezizinkonzo ezintathu ezikhuphukayo, sikhulekela ukuthi Uzozamazamisa lenkangala encane sengathi ayikaze izanyazanyiswe ngaphambilini. Yipha ukuthi lonke ibandla lizoba nemvuselelo, lapha enkangala, abaningi

balalababantu abayigugu, laba baseScandinavia nabanye, phandle kulezizinkangala lapha, uyolethwa kuKristu, ukuthi lapho uJesu ebonakala, ukuthi amathuna azovuleka futhi siyophuma, futhi singene ukuMhlangabeza, futhi sibe naYe kuze kube phakade, ngokuba yini enye emhlabeni okufanele siyibheke, ngaphandle kokufika kwaKhe na?

57 Manje, Baba, sizinikele kuWe kulentambama, nalezizethameli, sibusise ndawonye, futhi kwangathi inhlanganyelo ingabankulu ngokuhambisana neZwi likaNkulunkulu.

58 Futhi lapho inkonzo isivaliwe, futhi siyama ukuba sisho isibusiso, futhi siya emakhaya ethu ehlukene, abanye phandle enkangala, nabanye ezansi edolobheni, ne—nezindawo ezehlukene, futhi babuyele emahhotela ahamba ngezimoto namahhotela, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse ngalokho kusa kokuvuka, ngenkathi Uhamba nabo usuku lonke futhi abakwazanga Wena, Wabachasisela iZwi likaNkulunkulu, futhi noma kunjalo abakwazanga Wena (Isikhathi esiningi, lababalimi abayigugu nabathandekayo usanda kubona ukufa emnyango, futhi mhlawumbe abaqondanga ukuthi kwakunguWe okwenzile, wasindisa impilo yabo.), kodwa bathi, ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Kwangathi singasho okufanayo. Kwangathi okhazimulayo, uJesu ovukile angafika phakathi kwethu kulentambama futhi asikhombise ukuthi Usaphila, futhi uyasithanda, futhi uhlangana nomaphi lapho ababili noma abathathu bebuthene ndawonye. Siyakucela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

59 Manje, ngingathanda ukufunda umBhalo otholakala eNcwadini kaJohane oNgcwele 12:20:

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyukele ukukhuleka emkhosini:*
>
> *Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi,* Banumzane, *sithanda ukubona uJesu.*

60 Bese kuthi-ke ngithanda ukuthatha indikimba yami kumaHeberu 13:8, *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade.* Manje, khumbulani, ngicaphuna iZwi eliNgcwele likaNkulunkulu.

61 Futhi ngikholwa ukuthi lawomaGreki, ngalolosuku, afanelana nombuzo wawo nesifiso sethu namhlanje. Babezwile ngoJesu, futhi akekho ongake ezwe ngaYe, ngaphandle uma ungathanda ukuMbona. Ukuba bengingathi kulentambama, "Bangaki kulendlu abangathanda ukubona uJesu na?" Ngicabanga ukuthi zonke izandla beziyophakama. Ake sibone, bangaki abangathanda ukubona uJesu na? Awu, lokho kuyamangalisa. Ngiyabonga.

62 Ngikholwa ukuthi wonke umuntu oke ezwe ngaYe, ulangazelela ukuMbona, ngoba Wehlukile kunoma ubani omunye. Akakaze abekhona umuntu onjengaYe, futhi akasoze abe khona. Kwakukhona into ethize ehlukile kwizazi zokudabuka kwezinto, zezifundiswa ezinkulu zamaGreki zangalolosuku. Kwakukhona into ethize ehlukile ebandleni nesiko lamaJuda.

63 UJesu, ngokwazi kwethu, wayengenamfundo yasemhlabeni. UmPhostoli uPetru, akekho noyedwa weBhayibheli elikhulu theolo-. . ., noma, abafundi, ababenemfundo, ngaphandle komPhostoli uPawulu. Futhi wasitshela ukuthi wayefanele akhohlwe yikho konke ake akwazi ukuze azi uJesu. Wayesethi-ke, futhi, "Angikaze ngize kini ngamazwi abantu ahungayo, ukuze ukukholwa kwenu kwakhelwe phakathi," ngamany'amazwi, "imicabango yobuhlakani babantu, kodwa ngiza kini ngamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele, ukuze ukukholwa kwenu kube kuNkulunkulu."

64 Sithola umPhostoli uPetru wayengenamfundo eyenele ukuba asayine igama lakhe uqobo, nokho uJesu wamnika izihluthulelo zoMbuso. UJakobe no, noma, uPetru noJohane, bedlula esangweni elithiwa eLihle, "Babona ukuthi babengabantu abangazi lutho futhi abangafundile, kodwa babaqaphela, bazi ukuthi babekade benoJesu."

65 Ngakho yileyonto esiyibhekile namhlanje, ngukuba yikho nokuzihlanganisa noJesu. Futhi uma uke wazihlanganisa naYe, awusophinde ufane futhi. Lelo yiqiniso. Awusoze waba ngumuntu ofanayo emva kokuba kanye uzihlanganise noJesu.

66 Manje, sikhuluma ngaloMuntu omkhulu kaKristu, owayenguNkulunkulu enyameni. Si—sikhuluma ngaYe enguMuntu omkhulu kakhulu ngangokuthi akekho emhlabeni ongakaze afane naYe noma ongeke abe khona. Kodwa manje-ke siyamangala ukuthi kwenzekani kuloMuntu. Uphi Yena na? Kwenzekani kuYe na?

67 Manje, izikhathi eziningi siyazama, nge. . .ngo. . . ngokungakholwa, ukuchaza ukuthi izinsuku zaKhe sezihambile, kodwa lokho ngeke kwenelise imiBhalo eyathi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Bese kuthi-ke, uma isifiso sakho namhlanje, siyisifiso esifanayo lamaGreki ayeyiso, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu," futhi banikwa leyonhlanhla, bafanele baMbone, khona-ke, uma *si*fisa ukubona uJesu, futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, pho kungani *si*ngenakuphiwa lesosifiso na?

68 Ngikholwa ukuthi singakwazi, ngoba Wethembisa, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona." Manje, *izwe* lapho, njengoba abazalwane, izifundiswa, zazi, ukuthi—ukuthi *izwe* lapho, livela egameni lesiGreki elithi *kosmos* elichaza "uhlelo lwezwe." "Izwe ngeke lisaNgibona, nokho nina,"

iBandla, "niyakuNgibona, ngokuba Ngi," u*Ngi* yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokuphelelisWa." Niyabo? Yonke indlela Yena—Yena, manje-ke, lokho kuMenza onguye izolo, namuhla, naphakade.

69 Khona-ke Ufanele angabi yilowo obukeka njengaWo nje, lowo oyoba yinto ethize efana naWo, kodwa Uzofanele afane, afane ngesimo sokuziphatha, afane ngamandla, afane kuyo yonke into ngaphandle ko—umzimba wenyama; *o*hlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. UMoya waKhe ulapha, kithi, ukuZibonakalisa, nokuthatha izimpilo zethu uqobo futhi uyenze nje ncamashi lokho owaKhe ayeyikho. Yilokho Akwethembisa, "UMoya oNgcwele, nxa Esefikile, Uzofakaza ngaMi, anikhombise izinto ezizayo." Niyabo? Manje, siyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

Manje-ke, uma bengingathi kinina bazalwane beMethodisti, kulentambama, "Uyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na?"

Ubungathi, "Impela impela, Mfowethu Branham, ukuthi, Usenguye."

70 Ngingathi kinina bazalwane beBaptisti, noma nina Pentecostal, noma kwiPresbyterian, noma iSheshi, noma, o, amaNazaretha, noma iPilgrim Holiness, kumbe noma yiliphi ihlelo esikhonza kulo, "Niyakukholwa lokho na?"

"Impela, impela impela Unjalo. Sikholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade."

71 Manje-ke, ngabe UnguMphulukisi na? Wenzani Yena namhlanje na? UyaMbona ebandleni lakho njengoba Wayenjalo nje ezinsukwini ezedlulayo na? Manje, nanko umbuzo. Niyabo? Uyakwemukela ngokombono wobuhlakani, umcabango, kodwa ngabe Yena ngokwangempela uyafana na? Leyo yinto esemqoka.

72 Manje, iBhayibheli lathi Usenguye. Wena uthi, "Kuze kufike embonweni othile Unjalo." Manje, aLisho endaweni ethize, Lathi Unguye, onguye izolo, namuhla, naphakade. Ngiyazi lokho kuzwakala kuxakile impela, mhlawumbe, kwabanye benu, kodwa ngicaphuna kuphela umBhalo. Kungukuthi, anginacala ngo—ngokuLiloba, angizange ngiLilobe, kodwa uMoya oNgcwele waLiloba, futhi Ubophezeleke ngaLo. Into kuphela engiyaziyo, Lisho Lokho, futhi ngifanele ngikukholwe Lokho uma ngingumKristu, ngifanele ngikholwe ukuthi lonke iZwi likaNkulunkulu liyiQiniso, akumele kube khona okuhlukile nhlobo.

73 Manje, ngingahle ngingabi nakho ukukholwa okwenele ukwenza onke lamazwi aphile futhi, kodwa angisoze ngama endleleni yomuntu othize owayenokukholwa ukukwenza. Uma ngingenakuhamba njengo-Enoke futhi ngingafi, nje ngithathe uhambo lwantambama futhi ngiye eKhaya kuNkulunkulu ngaphandle kokufa, uma ngingenakho lokho kukholwa

okungako angisoze...Ngingabonga kuNkulunkulu ngomuntu obenalokho kukholwa okungako ukukwenza. Angisoze ngisho ukuthi kwakungeke kwenzeke, ngoba yiZwi likaNkulunkulu.

74 Manje, uma Esenguye, khona-ke, futhi sifisa ukuMbona, khona-ke sifanele sibone uJesu ofanayo abambona, uma Ehlala efana. Manje, lokho kuzwakala kunengqondo, akunjalo na? Manje, ake sithole ukuthi yini . . .

Manje, uma bengingathi, "Nina bazalwane beMethodisti niyakukholwa lokho na? IBaptisti na? Futhi njengoba ngikucaphunile na?"

"Yebo." Awu, manje, indlela kuphela...Wena uthi, "Usebandleni lethu."

"Usebandleni lethu."

75 Awu, ngithi, "Yiqiniso lelo. Ngiyakukholwa lokho." Kodwa ake sithole, indlela kuphela yokuba ngokuyikho ngakho, mayelana, ukwenza iZwi libe yiqiniso noma qha, okungukuthi, Liqinisile, ngukubuyela emuva futhi uthole ukuthi Wayeyini. Futhi uma singathola ukuthi Wayeyini, khona-ke sizothola ukuthi Uyini, bese-ke ukuthi Uyoba yini njalo. Ngabe kunjalo na? Ngabe lokho kuzwakala kucace ngokwanele na? Niyabo? Ayeyikho, Uyikho.

76 Awu, manje, uma besingangena namhlanje ukuba sithole uJesu, hlobo luni lomuntu ebesingaya kuye na? Futhi hlobo luni loMoya Abeyoba yilo, uma siye emabandleni ethu ukuMthola na? Asihambe sifunisise ngamunye, sithole ukuthi yini esingayithola.

77 Besingathola indoda nokhololo wayo uphendukezelwe, nomshuqulo ekhanda layo, noma—noma into ethize efana neyethu enkulu, *ebizwa kanjalo*, amadoda angcwele ayiwo namhlanje na? Hhayi uJesu, Wayegqoka nje njengabantu abajwayelekile, Wayengena ephuma phakathi kwamadoda, egqoke nje njengoba amadoda ayenjalo.

78 Besingeke sibheke isifundiswa esithize esiyisihlakani. Asinarekhode laKhe eke ethamela usuku olulodwa esikoleni. Awu, besiyobhekani-ke na? Besiyobheka uMesiya, OGcotshiweyo.

79 Manje, ngale, manje, ngifunde kuJohane oNgcwele 12. Manje, njengoba siqhubeka sizothatha umBhalo, usuku, noma, umhlangano emva komhlangano, ukukhombisa lezizinto kahle. Manje, siqale kuJohane oNgcwele, ake sibuyele emuva nje kwelokuqala likaJohane oNgcwele. Uma ningakufundi khona lapha, ningakufunda ekhaya, nimaka phansi izicaphuno. Futhi asibuyele emuva manje futhi sithole ukuthi uJesu wayeyini. Futhi uma singathola ukuthi Wayeyini, futhi uzoZifakazisa ukuthi uyafana namhlanje, bekungakujabulisa na? Nizojabula

kakhulu nonke ngalokho, uma bekungaMenza afane namhlanje na?

80 Manje, sine, ngime emasimini angaphandle neKurani esandleni esisodwa, lenkolo kaMohamede, okungenye yezinkulu kunazo zonke emhlabeni, futhi nginencwadi kaBuda, neBhayibheli kuleso naleso, kul*esi*sandla, futhi uthi, "Omunye umuntu ufanele abe nephutha, kunomningi kakhulu umehluko, umuntu othize uzofanele abe ngoqinisile, uma ekhona uNkulunkulu. Manje, ake sifakazise futhi sibone ukuthi yimuphi oqinisile." Niyabo?

81 Ningesabi neze ukuMletha eZwini likaNkulunkulu kwelamanqamu. Uyohlala njalo elapho. Futhi ngakho, yibani nokukholwa nje futhi niMkholwe. Ungazami ukwengeza okuthize noma ususe iNto ethize kuLo, Likholwe nje ngendlela eLilotshwe ngayo bese uthi, "Kungaleyondlela." Khona-ke kholwani Lokho ngaphandle kwethunzi lokungabaza, noNkulunkulu ubophezelekile, uma uLikholwa ngokweqiniso, hhayi ukuzenzisa. Manje, angeke akhohlise, uSathane akasuye okhohlisayo, ungumkhohlisi, kodwa uma engakukhohlisa, uzokwenza, kodwa lapho uza ngokukholwa kwangoqobo, uyazi noma uyakhohlisa noma qha. Niyabo?

82 Ngenkathi abafundi benikwa amandla okuphulukisa abagulayo, ezinsukwini eziyishumi kamuva sibathola behluliwe odabeni lwesithuthwane. Futhi sengathi ngiyambona uPetru ethi, "Awume, ngizokukhombisa ukuthi ngikwenze kanjani ezansi eKapernawume."

Nomunye ethi, "Ngizokukhombisa ukuthi ngakwenza kanjani."

83 Futhi akukho namunye wabo owayengenza lelidemoni lisuke kumntwana. Kodwa ngenkathi uJesu efika, nobaba wahamba ukuyobona uJesu, futhi wathi, "Ngimlethe kubafundi baKho futhi abakwazanga ukumenzela lutho, futhi ngimlethe kuWe."

84 Wathi, "Ngingakwenza, uma ukholwa, ngokuba konke kungenzeka kwabakholwayo." Nomntwana wangena ekudlikizeni okunzima kunakho konke ake aba nakho, ngoba lowodeveli wayazi ukuthi wayehlangane nokukholwa ezingeni elehlukile kunalelo abaphostoli ababenalo; wayehlangane nokukholwa okuphelele.

85 Yilokho esifanele sibe nakho: ukukholwa okuphelele ukwenza iZwi likaNkulunkulu eliphelele lisebenze ngokuphelele. Yilokho-ke. Sifanele siLikholwe ngaphandle kwethunzi lokungabaza.

86 Manje, ake sibuyele emuva ezansi eGalile, sithathe uhambo oluncane lwengqondo manje cishe imizuzu engamashumi amabili. Asiye eGalile futhi sithole ukuthi uJesu wayeyini. Siyakwazi ukuzalwa kwaKhe nomqondo waKhe omsulwa kakhulu nokuthi Wazalwa kanjani.

87 NoJohane waya ehlane, unyaka, cishe iminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, futhi ekhuleka futhi ezila ukudla phambi kukaNkulunkulu, futhi eneminyaka engamashumi amathathu ubudala, waphuma eshumayela, "uMesiya ozayo." Futhi ngolunye usuku, iNdoda encane ejwayelekile yehlela ogwini, kodwa kwakukhona isibonakaliso ngaphezu kwaYo esasiyisibonakaliso sobuMesiya, noJohane wasiqonda. Futhi wathi, "Bengazi ukuthi kwakunguYe, ngokuba ngibone isibonakaliso leso, kwangitshela ehlane, ukuthi, Uyoba nguBani.

88 UJesu, wabhaphathizwa nguJohane, khona-ke sithola ukuthi izinsuku ezingamashumi amane Walingwa ngudeveli ehlane. Khona-ke emva kokuba Esephumile ekulingweni kwakhe, siMthola masinya engena phezu kwenkonzo yaKhe yasesidlangalaleni. Manje, yilokho esiyikho, lapha kulentambama, singena enkonzweni yaKhe yasesidlangalaleni. Nabagulayo baqala ukuphulukiswa ngenkathi Ebakhulekela. Futhi kwabangela ukuxokozela okukhulu phakathi kwamabandla. "Ingubani lendoda na?" Babengenampendulo ezivumwenikholo zabo—zabo. Futhi ba—babenjalo, babengenakuphika ukuthi i—izinto ezigqamile zazenziwa.

89 Ngakho kwakukhona umdobi omdala ogama lingu-Andreya, futhi wayenomfowabo ogama linguSimoni. No-Andreya wazama ukuthola uSimoni ukuba aye emhlanganweni, futhi ekugcineni uSimoni wavuma, ngoluny'usuku, ukuba ahambe. Futhi ngenkathi uSimoni enyukela eBukhoneni beNkosi uJesu, manje bhekisisani, ngenkathi efika eNkosini uJesu, akaMbuzanga ukuthi Wayenaso yini, isiqu saKhe seBhashela yoBuciko ngalesosikhathi, noma akazange aMbuze ukuthi Ungowayiphi inhlangano, wavele nje wenyuka, njengoba nikwenzile, njengoba ngikwenzile, futhi kwathi nje amehlo kaJesu angambamba, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase."

90 USimoni wasuswa ezinyaweni zakhe, ngoba uyise uJona wayengumFarisi, indoda enkulu. Futhi uma uwufundile umlando, watshela amadodana akhe ukuthi ngolunye usuku uMesiya uyofika, kwase kuthi-ke bonke babebheke uMesiya. Niyazi ukuthi babecabanga ukuthi uJohane wayenguMesiya na? Ngoba ibandla leqiniso langempela lalibheke uMesiya. Futhi khumbulani, Uza kuphela kulabo abaMbhekile, Usindisa kuphela labo abakholwa ukuthi Angabasindisa, Uphulukisa kuphela labo abakholwa ukuthi Uyabaphulukisa.

91 Futhi uSimoni, ebheke uMesiya, wayethenjiswe iminyaka eyizinkulungwane ezine, kusukela e-Edene. Abaprofethi babekhulume ngabo. Babephila ngomthetho kaMose. Futhi uMose, futhi, ungathanda ukubhekisela kukho, uDuteronomi 18:15-22, amazwi akhe ekucaphuneni ku-Israyeli,

wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu, iyakuvusa umProfethi onjengami; kuyakuthi yilowo nalowo ongayikuzwa lomProfethi uyakunqunywa phakathi kwabantu."

92 Manje, wonke u-Israyeli, owafundiswa eZwini, manje ningakukhohlwa lokhu, klasi, babazi ukuthi uMesiya wayezoba ngumprofethi. Manje, u-Israyeli wayezozwa abaprofethi babo. IBhayibheli lathi, uNkulunkulu ekhuluma ku-Israyeli, "Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi uNkulunkulu Ngiyakuzazisa kuye ngombono, ngikhulume kuye ngephupho. Futhi uma lokho lomprofethi akushoyo kufezeka, khona-ke yizwani lowomprofethi, kodwa uma kungafezeki, ningamesabi lowomprofethi, ngoba aNginaye, kodwa uma akushoyo kufezeka, khona-ke qaphelani, Ngithume lowomprofethi."

93 UJohane, manje-ke, babazi ukuthi wayengumprofethi, ngoba wayebatshelile okwakuza, futhi ethula u—uMesiya. Manje, loMesiya wayezoba nesibonakaliso, nalesosibonakaliso sasinguNkulunkulu-mProfethi. Wayengesuye umprofethi kuphela, kodwa WayenguNkulunkulu-mProfethi. WayenguNkulunkulu wabaprofethi, kodwa isibonakaliso sakhe sobuMesiya sasizokwenza isibonakaliso somprofethi.

Niyazi bathi, "Ake sikubone wenza isibonakaliso somprofethi, sizokukholwa," niyabo, ngenkathi bemboza indwangu ebusweni bakhe.

94 Kodwa lapha Wayekhona kwabaKhethiweyo, kumuntu owayezokholwa, uSimoni, Wayengakaze abone empilweni yakhe, noma wabona, futhi Wabeka amehlo aKhe kuye wayesethi, "Bheka umIsrayeli, kuye lapho . . ." qhabo, ngiyaxolisa, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, indodana kaJonase. Kusukela manje uyakuthiwa uPetru."

95 Sengathi ngiyabona lokho kwamthobisa lowomFarisi, ngenkathi ebone lowoMuntu ongazange ambheke, noma engakaze ambone empilweni yaKhe, amtshele ukuthi wayengubani, ukuthi wayengubani igama lakhe, ukuthi uyise wayengubani. Manje, leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Lowo kwakunguJesu izolo. WaZazisa kanjalo-ke kubantu njengoMesiya.

96 Manje, kwakukhona oyedwa owayemi lapho ogama linguFiliphu, ngisesesahlukweni sokuqala sikaJohane oNgcwele, omunye ogama linguFiliphu, indoda elungileyo, indoda elungile, wakubona lokhu kwenzeka. Futhi kukhona okuthize ngakho, lapho ubona uJesu eza enkundleni, awukwazi nje ukuthula, ufanele utshele wonke umuntu ngakho, lokho ngukuthi, uma uMthanda. Ngakho uFiliphu, o, wayejabule *kakhulu* waze wathi, "Ngifanele ngihambe ngitshele uNathanayeli, umngane wami."

97 Manje, abaningi benu bazalwane lapha, kungahle ukuba benisePalastine. Uma uzomaka indawo lapho uJesu ayekhona ngalesosikhathi, ukuya lapho uNathanayeli ayekhona, cishe kungamamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba. Futhi uFiliphu wasuka wazungeza intaba futhi wathola uNathanayeli. Futhi ake sikwenze *umdlalo wasesiteji* lapha, umzuzu nje, umdlalo wasesiteji omncane.

98 Sengathi ngiyambona enyukela emnyango, futhi angqongqoze emnyango. NoNkk. Nathanayeli weza emnyango wayesethi, "Uphi uNathanayeli na?"

"O, ulula izinyawo engadini yakhe yezithelo."

99 "Ngifanele ngimbone masinya." Esho ebuyela emuva ngaphandle angene ensimini yezithelo. Lapho uthola uNathanayeli eguqe ngamadolo akhe, phansi kwezihlahla, ekhuleka, mhlawumbe, "O Nkulunkulu," into ethize enjengale, mhlampe, "besikulangazelela futhi salindela lowoMesiya ozayo. Siyakholwa ukuthi UzoMthumela ngolunye usuku. Si—siyakukholwa lokho, Nkosi, futhi ngizobe ngiMbhekile lapho Efika. Amen."

100 Manje, uFiliphu, engumnumzane ohloniphekile ongumKristu, wayengeke aphazamise umkhuleko, kusobala qha, wama ngenhlonipho yokuzithoba waze uNathanayeli waqeda ukukhuleka. Khona-ke uyasukuma, uNathanayeli, futhi uqala ukuthintitha ingubo yakhe. Futhi ngokushesha, akazange athi, "Zihamba kanjani izitshalo na?" noma . . . U—u—umlayezo wawuphuthuma, ufanele awuyise kuye ngokukhulu ukushesha.

101 Kuyilokho-ke namhlanje, bazalwane. UMlayezo, asinaso isikhathi seminyaka eyishumi nanhlanu yokufunda esikoleni, uMlayezo uyaphuthuma, izwe lisekupheleni, isikhathi sesiseduze. Zona impela lezizinto enizozibona kulomhlangano kufakazisa ukuthi umnyakazo olandelayo ngukuza kweNkosi, ukuguqulwa kweBandla, ngokomBhalo.

102 Angikusho lokho ukwenza ukwesaba, ngisho lokho njengesexwayiso ukuba nilungele. Asazi ukuthi Angafika ngamuphi umzuzu.

103 Manje, bonani ukuthi kwenzekeni. Wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

104 Futhi uFiliphu wakhuluma lamazwi kuNathanayeli, noNathanayeli wayengowomthetho wokuqina, niyazi, ngakho, enesitashi impela, ngiyethemba, wathi, "Manje," into ethize enjengale, "awume kancane, kungabakhona okuhle okuvela eNazaretha na?" Futhi, mhlampe, ukuthi angahle ukuba washo lokhu: "Manje, uma kwakuzoba nento ethize enjengaleyo ezayo, awu, kusobala kuyofika ngathi baFarisi, noma abaSadusi bathi, 'Kuyofika ngebandla lethu.' Futhi uma bekuza, awu, kusobala, imihubhe yaseZulwini ibiyovuleka, no—noMesiya

ubeyohamba ehlele ngqo phezu kwe, ngasethempelini, futhi Uyothi, 'Kayafase, umpristi omkhulu ohloniphekile, nangu Mina.'"

105 Kodwa niyabo, uNkulunkulu akazenzi izinto ngaleyondlela, Akazange akwenze, futhi Akasoze akwenze, Uyafika futhi athathe izinto eziyizimungulu zezwe futhi enze okuthize ngakho, futhi aZifakazise, ukugcwalisa iZwi laKhe. Manje, hlolani imiBhalo futhi nithole ukuthi lokho akusilo yini iqiniso. Uthatha into ethize engabalulekile.

106 Ngenkathi Ebiza abaphostoli baKhe, Wathathani na? Abadobi, abantu abangafundile. Akabathathanga ngani abaphucuzekile na? Akabathathanga ngani abapristi na? Babenabefundisi bangalolosuku ababeyokwedlula kude noma yini esake saba nayo. Babefanele, baphume ozalweni lwamaLevi ukuba babe ngabapristi, okhokho-bokhokho-bokhokho-bokhokho-bokhokho babo babengabapristi. Futhi Akayanga ngani kulolohlobo na? Kodwa niyabo, Wathatha into ethize, yayingelutho, ukufakazisa ukuthi UnguNkulunkulu, ukuthi Angenza okuthize ngalutho.

107 Futhi ngokukhulu ukushesha, noma, ngokushesha nje lapho wena nami singabona ukuthi asilutho, angashesha kanjalo-ke uNkulunkulu ukuyosebenza nathi, lapho sikhipha imiqondo yethu yobuhlakani kukho, futhi nje sithi, "Nkulunkulu, ngiyakholwa, siza Wena ukungakholwa kwami." Yilokho-ke. Uma iZwi lisho njalo, khona-ke kuyiqiniso. UNkulunkulu usemva kweZwi laKhe, futhi UseZwini laKhe, futhi UyiZwi.

108 Manje, siyaqaphela ukuthi lelibandla lomthetho lokuqina lambuka futhi lathi, mhlawumbe into ethize enjengale, "Manje, Filiphu, bengikwazi uyindoda elungileyo. Siye esontweni ndawonye iminyaka, kodwa ngikholwa ukuthi uchezukele ekugcineni okujulile. Kufanele ukuthi kukhona okuthize okungalungile kuwe, ube nohlobo oluthile lokukhohlisa. Uqonde ukungitshela ukuthi umuntu waseGalile uyoba nguMesiya na? Ngabe yilowoMuntu, engamuzwa, owayenalokho kuzalwa okungaphandle komshado, leyoNgane, eminyakeni eminingi eyedlula, abakhuluma ngayo na? Igama elimnyama ukuqala ngalo, futhi nakhu uza ungitshela ukuthi Lokhu kuphenduka kube nguMesiya. O, Filiphu, hlakanipha. Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

109 Ngicabanga ukuthi wamnika impendulo eyosimisa sonke, wamnika impendulo eyiyo, wathi, "Woza ubone." Yilokho-ke. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Letha iBhayibheli lakho futhi ubone ukuthi kuqinisile yini. Leyo yimfundiso enhle kithi. "Woza, ubone."

110 "Hlolani umBhalo," uJesu wathi, "ngokuba YiYo efakaza ngaMi."

Manje, "Woza, ubone."

111 Sengathi ngiyabona, lapho beqala endleleni bebuyela emuva, ukuba bawele ngosuku olulandelayo, amamayela ayishumi nanhlanu, mhlawumbe kubathathe uhambo lwezinsuku ezimbili ukubuya, sengathi ngiyabona emgwaqeni, ake sibhobokele engxoxweni yabo, angeke sibe ngabangekho ngokombhalo manje, ngakho manje-ke, engxoxweni yabo, sengiyamuzwa uFiliphu ethi, "Manje-ke, Nathanayeli, ubungeke ukukholwe lokho na? Mnumzane, mfowethu, ungusiyazi wezenkolo, uyindoda enegunya emBhalweni, ufundani ngoMesiya na? Uyoba yini uMesiya lapho lapho Efika na? Hlobo luni loMuntu esiyakulubheka na?"

"O," kwasho uNathanayeli, "Uyoba ngumProfethi, ngoba iBhayibheli lathi Uyoba ngumProfethi, umBhalo wethu ongcwele uthi Uyoba ngumProfethi."

112 "Awu, uyamkhumbula lowomdobi omdala owathenga inhlanzi ngalolosuku, ogama linguSimoni, futhi wayengenayo imfundo eyenele ukuba asayine igama lakhe uqobo na?"

"Yebo, ngikukhumbula kahle lokho."

113 "Wenyuka ngaphambi kwaloJesu waseNazaretha, noJesu waseNazaretha wamtshela ukuthi wayengubani, futhi akusikho lokho kuphela, kodwa wamtshela ukuthi wayengubani lowobaba wakhe omdala omesabayo uNkulunkulu. Futhi bekungeke kungimangaze, kodwa, uma Engakutshelanga ukuthi ungubani."

114 Awu, ngiyambona uNathanayeli ethi, "Uma lokho kunjalo, angazi, angikaze ngibe lapho, kodwa uma lokho kunjalo, Lowo kuyoba nguMesiya, ngoba yilokho Afanele akwenze, UngumProfethi. Futhi kade singenamprofethi," wathi, "iminyaka engamakhulu amane, selokhu saba nomprofethi, futhi kade sibheke loMesiya, olandelayo emgqeni."

Kade singenaye oyedwa iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. "Manje . . . " Kodwa sibheke oyedwa.

"Manje," wathi, "loMesiya, uma EnguMesiya, khona-ke ngizoMbona enza isibonakaliso."

115 Sase-ke senyukela ebandleni, ngiyacabanga, futhi mhlawumbe wayesemgqeni womkhuleko, noma mhlawumbe wayemi phandle ezethamelini, angazi. Kodwa, nokho, kwathi nje uJesu angaphenduka futhi wabamba amehlo akhe, Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

116 Manje, isibonelo nje umgxeki angahle abe khona, bayothi, "Awu, impela, ubegqoke njengakho." O, qhabo, abasempumalanga bonke bagqoka ngokufanayo, banengubo ende, nengubo yangaphansi, nomshuqulo, futhi banentshebe, ngakho waye, wayengeke aMtshele, wayengaba ngumGreki kumbe noma yini enye.

Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

117 Sengathi ngiyabona isitashi siphuma kuye ngokukhulu ukushesha. Wayesethi, "Rabi," okusho ukuthi *mfundisi*, "Uke wangazi nini na? Lesi yisikhathi sokuqala ukuba size sihlangane, futhi Waze kanjani ukuthi ngangingumIsrayeli, umuntu ongenankohliso na?"

118 Lalelani! Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi uphansi komuthi, Ngakubona." Yeka amehlo!

Lelikholwa lokuqina, elalazi umBhalo, lathini na? "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli."

UJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokho, uyakholwa na? Uzobona izinto ezinkulu, manje." Niyabo?

119 Manje, lowo kwakunguJesu izolo, ukuthi Wazazisa kanjani kubantu njengoMesiya. Uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, yileyondlela Ayoba yiyo namhlanje, uma Efana. Ngabe yiqiniso lelo na? Kufanele kube njalo.

120 Manje, ziningi ezinye izicaphuno ebesingazenza, kodwa i . . . Ngiyazi asinayo kodwa cishe eminye imizuzu engamashumi amane-nanhlanu. Futhi ngizokubamba ngomBhalo.

121 Kodwa ngithanda ukuya cishe, ake sisho lokhu, kunezinhlanga ezintathu zabantu emhlabeni. Ngiyazi wena uthi, "Ngiyi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Kodwa zintathu kuphela izinhlanga, sonke saphuma emadodaneni kaNowa, umBhalo uqinisile: uHamu, uShemu, noJafete. Manje, lokho kwaphenduka kwaba sosukwini lwaKhe, iJuda, oweZizwe, nomSamariya.

122 Manje, sithola ukuthi kwakukhona uhlanga lwabantu olwalubizwa ngomSamariya, ongumJuda noweZizwe uhhafu. Futhi babebheke uMesiya. Babefuna ukubona uMesiya.

123 Manje, khumbulani, kwakukhona labo ababemi lapho ababona uJesu enza lokho. Niyazi ukuthi bathini na? Babengabashumayeli abakhulu, abafundisi abakhulu, abomthetho enkolelweni yabo, kodwa bathi, "Lomuntu unguBelzabule. Ungumbhuli." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

124 Wathini uJesu kubo na? Abakushongo kuzwakale, kodwa Wayibona imicabango yabo. Sonke siyazi ukuthi lowo ngumBhalo. Wayibona imicabango yabo, futhi Waphendukela kubo, Wayesethi, "Ngizonithethelela ngalokho," ngaleyomicabango emibi, bebiza imisebenzi kaNkulunkulu ngomoya omubi ekwenza, uBelzabule, umbhuli. Namhlanje, bebengakubiza ngento ethize enjalo, noma ukufunda umcabango, kodwa igama elibi emisebenzini kaNkulunkulu. Wathi, "Kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyofika ukuzokwenza into efanayo," manje, nakhu lapho okusibeka khona, "izwi elilodwa elimelene naWo, alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Lingcwele kanjalo-ke. "Izwi

elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo."

125 Ngakho niyabo, uma Enza lokhu, kusifuqa kusifake kusiphi isikhundla. Kusibeka uphawu ngakolunye uhlangothi noma olunye. Isikhathi sokwehlukanisa sesifikile, ukwahlulela okuphenyayo.

126 Manje, sithola ezinye izindawo eziningi, sizothatha isahluko esilandelayo, awu, thina, kuqala, asihambe, manje, kukhona umJuda, oweZizwe, nomSamariya. Manje, Akakaze nakanye ake enze lesosibonakaliso phambi koweZizwe. Ungeke wakuthola emiBhalweni. AbeZizwe waye, thina ma-Anglo-Saxon, abeZizwe, sasingabheke-Mesiya ukuba afike. Sasinezagila emihlane yethu futhi sikhonza izithombe, niyabo, abahedeni, amaRoma, kanjalonjalo.

127 Manje, kodwa Uza kulabo abaMbhekile. Wakwenza ngalolosuku. Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzokwenza futhi namhlanje. Ufikela labo abaMbhekile, labo abalangazelelayo, njengalawomaGreki ayenjalo, "Sithanda ukubona uJesu."

128 Manje, Wayesendleleni yaKhe ebheke ezansi eJeriko, eyayiphansi ngezansi kwentaba, lapho iJerusalema iphezu kwentaba, kodwa Wathi Wayeswelekile ukudlula ngaseSamariya, manje, emzini waseSikari. Manje, siyaqaphela ukuthi iSamariya lingaphezulu nomgwaqo nga*le*ndlela, lenyuke nga*le*ndlela bese-ke lehlela eJeriko, phandle le endleleni yaKhe. Kodwa Wenyukela kulomuzi othize wamaSamariya, waseSamariya, Wayesehlala phansi wayesethuma abafundi baKhe ukuba bayothenga ukudla.

129 Futhi ngenkathi besahambile, kwakukhona owesifazane we, awu, wodumo olubi, besingambiza kanjalo eMelika, lapha, ukuthi wayengo—ngowesifazane onegama elibi. Bangaki owaziyo ukuthi yini eyayingalungile kuye na? Wayephule isifungo sakhe somshado, wayenamadoda amahlanu. Futhi mhlawumbe, ake sithi, wayengowesifazane omuhle. Futhi wonke umuntu wayengekho. Futhi uma wake waba lapho, umthombo usalokhu umile, uyindawo encane ebonakala ngasikhathi sinye, into ethize efana na*le*.

130 Futhi uJesu, Wayeneminyaka engamashumi amathathu kuphela ubudala, noma, engekabi namashumi amathathu-nantathu impela, kodwa nokho, Ufanele ukuthi wayebukeka emdala. Ngenkathi Ekhuluma, kuJohane oNgcwele 6, kumaJuda ngenkathi ayenomkhosi, futhi ayephuza lamanzi, emelele amanzi avela edwaleni elishayiwe ehlane, Wathi, "NgiyileloDwala elalisehlane."

131 O, bona, o, lokho kwashukumisa intukuthelo yabo elungileyo, futhi bathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi wabona u-Abrahama, futhi ungumuntu ongakevi eminyakeni

engamashumi amahlanu ubudala na?" Wayebukeka enamashumi amahlanu, kodwa Wayenamashumi amathathu kuphela. Umsebenzi waKhe cishe wakwenza kuYe, mhlawumbe eba mpunga kancanyana noma okuthize.

132 Awu, Wathini kubo na? "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." WayenguNkulunkulu ka-Abrahama, kodwa Wayelapho, egqoke izingubo nje njengomuntu ojwayelekile. Ngakho iNdoda ingahle ukuba yayibukeka isikhulile kancane.

133 Kodwa WayeyiJuda, futhi kwakukhona ukwehlukana, njengoba sinokuqophisana ngakho ezansi eLouisiana naseGeorgia, Nginabanye abangani baseGeorgia behlezi lapha, mayelana nokwehlukana . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ikhaladi nomhlophe, kanjalonjalo, lowo kwakungumJuda nomSamariya.

134 Futhi ngakho uJesu ebone owesifazane ekhuphuka futhi, awu, mhlampe uma wake waba semazweni asempumalanga, amasiko abo awashintshi neze, ngokuyikho, wayengeke aphume nabesifazane abahloniphekile. Niyabo, bafanele baphume, i, kusesekuseni, izintombi ziphuma kusesekuseni futhi zithole amanzi azo.

135 Futhi ngizibonile zithatha imbiza yazo, izothatha amagalane amahlanu, ziyibeke ekhanda lazo, bese zibeka eyodwa enqulwini ngayinye, futhi zihambe kanjalo, zikhuluma njengoba nje amanenekazi engenza, niyazi, futhi angachithi neze iconsi lamanzi. Ku—kuyamangalisa ukubuka ukuthi ahamba ngokuphelele futhi aqonde kanjani nalokho, exoxa nje omunye nomunye, niyazi, futhi angayisusi neze leyombiza enkulukazi yamanzi ekhanda lawo. Izibambo ezimbili ezinkulu kuyo, lapho ababeyidedela khona, bayigwedlele phansi emthonjeni ukuthola amanzi.

136 Nalona wesifazane osemncane uphumela lapho, yena mhlawumbe, ethwele imbiza enqulwini yakhe, njengesiko nehhuku lingena ekhwapheni lakhe. Futhi wayecabanga, mhlawumbe, ngalokho ayekwenzile ngobusuku bakuthangi, wayengenakuzihlanganisa nabesifazane abalungileyo. Ngakho waqala ukwehlisa imbiza e—emthonjeni. Futhi owesilisa wezwa . . . owesifazane wezwa iPhimbo lithi, "Ngiphuzise, sifazane, Ngiphuzise."

137 Futhi waphenduka, futhi ohlezi ngaleya ngasemivinini encike odongeni, kuhlezi iJuda eliphakathi nendima yempilo. Ngokushesha wathi, "Akusilo isiko ukuba umJuda acele noma yiluphi usizo kowesifazane ongumSamariya." O, ukwehlukana kwakubaba. "Asinabudlelwane omunye nomunye. Futhi Wena ungumJuda, nami ngingowesifazane ongumSamariya, Ubungacela kanjani kimi amanzi okuphuza na?"

138 Lalelani impendulo, "Sifazane, ukuba bewazi ukuthi uBani obukhuluma naye," o, he, kuyilokho-ke namhlanje, "ukuba

kuphela nje bewazi ukuthi uBani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi. BeNgiyokulethela amanzi, noma, ngikunike amanzi, ungezi lapha ukuzokha."

"O," wathi, "umthombo ujulile, futhi Awunalutho ongakha ngalo."

139 Nengxoxo yaqhubeka. Wayenzani uJesu na? Manje, lapha, nizofanele nithathe izwi lami, ngethemba ukuthi nizokwenza, Wayexhumana nomoya wakhe. Wayazi ukuthi kwakukhona okuthize okungalungile. UBaba wayeMthumele phezulu lapho, ngakho Wazi ukuthi lona wesifazane wayeza, ngoba Wathi, kuJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza." Niyabo?

140 Manje, uBaba ufanele ukuthi waMthumela phezulu lapho, futhi Ubonile ukuthi kwakungowesifazane, ngakho Wadingeka axhumane nomoya wakhe ukuba akhulume naye, ukuba Wathola ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi, Wathi . . .

141 Wathi, "Thina sikho-. . . Nina nikhonza eJerusalema; nakulentaba, sikhonza . . . " Ingxoxo yaqhubeka isikhashana impela, ekugcineni, uJesu wayibamba inkathazo yakhe. Manje, lalelani, ngiyaxolisa, angizami ukuniklabalasela, kade ngishumayela ngaphandle, kanjalonjalo, futhi ngenza omkhulu umsindo, ngiyacabanga. Wathi, "Awunalutho ongakha ngalo, ngakho Ungawathola kanjani amanzi na?"

142 Wathi, "Awu, manje, ukuba bewazi ukuthi uBani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi, BeNgizokunika amanzi ungezi ukuzokha lapha." Nengxoxo yaqhubeka, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

O, ngiyawabona amehlo akhe ekhanya. Wathi, "Anginandoda." U—ukwethuka okunje pho okufanele ukuthi kwaba yikho.

Wathi, "Usho kahle. Ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho, ngakho ukusho kahle."

143 Lalelani lesisifebe, owesifazane onegama elibi, wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunohhafu wabashumayeli e-United States. Akazange athi, "UnguBelzabule, udeveli." Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena." Manje, lalelani, "Siyazi, thina maSamariya, siyazi ukuthi uKristu uyeza, Othiwa uMesiya, uyeza, Othiwa uKristu, OGcotshiweyo," niyabo, "futhi nxa Efika lokhu kuzoba yisibonakaliso Azosikhombisa, Uyositshela lezizinto. UngumProfethi wena, kodwa sibheke uMesiya, futhi nxa loMesiya efika, Uzositshela lezizinto, lokhu kuzoba yisibonakaliso saKhe."

144 O, bandla, niyakubona na? Lowo nguMesiya, leso yisibonakaliso sikaMesiya. Niyabo? "Siyazi ukuthi nxa Efika Uyosikhombisa lezizinto." Akazange . . . owesifazane

akazange athi, “UnguBelzabule, ufanele ube ngumbhuli.” Owesifazane . . .

145 Manje, yilokho abashumayeli abaMbiza ngakho, umfundisi omkhulu wesonto ngalolosuku, abapristi, bathi, “Lowomfo u—ufunda ingqondo, u—uyisangoma, ngokwengqondo, u—ungumbhuli.”

146 UJesu wathi, “Ngiyanithethelela, kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza lokho. Ukhuluma izwi elilodwa elimelene naWo, awusoze wathethelelwa khona.”

147 Futhi lolosuku selufikile, manje; ekhuluma kwesinye isizukulwane.

148 Qaphelani, wathi, ngokuzithoba, “Mnumzane, Ufanele ukuba ngumprofethi. Siyazi, thina maSamariya, sibheke uMesiya ozayo, futhi nxa loMesiya efika, Uyosikhombisa isibonakaliso sokuthi UngumProfethi omkhulu.” Niyabo? “Si—siyazi lapho Efika si—siyokwazi ukuthi UngumProfethi, ngoba Uyokwenza lezizibonakaliso.”

149 Mlaleleni: “NginguYe Okhuluma nani.” Kwakungakaze kubekhona umuntu ngaphambilini futhi akakaze namunye kamuva owayengasho lokho. “NginguYe okhuluma nawe.”

150 Futhi phezu kwalokho, wawisa imbiza yakhe yamanzi wayesegijimela emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu,” manje, lalelani, klasi, nina bafundi beBhayibheli, “wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?”

151 Base bephuma baMnxusa ukuba angene emzini. NeBhayibheli lasho ukuthi amadoda akulowomuzi, abantu, bakholwa kuYe ngenxa yobufakazi bowesifazane.

152 Ngabe lokho kungaba ukudukisa na? Qhabo, mnumzane. Lowo yimiBhalo, akunjalo. Awu, uma lowo bekunguJesu izolo, nguJesu namhlanje.

153 Manje, bukani, sonke siyazi manje, ukuthi lokho kwakungukuvalwa kosuku kumaJuda. Anqaba uMesiya wawo, siyakwazi lokho. Manje, ayebheke uMesiya, futhi ngenkathi uMesiya efika, Wenqatshwa. Futhi ngenkathi Esenze isibonakaliso sikaMesiya, Wayebizwa ngomoya ongcolile.

154 Akazange Akwenze kolunye uhlanga, oweZizwe, ngoba Wabethelwa, wavuka futhi, noPetru washumayela uMlayezo endlini kaKorneliyu, kanjalonjalo. Manje, uJesu akazange akwenze. Kodwa khumbulani, kwethenjiswa, noNkulunkulu angephule amaZwi aKhe, ukuthi kuyokwenzeka kwabeZizwe esikhathini sokuphela, umprofethi wathi, “Kuyobakhona usuku olungeke, olungeke lwabizwa ngemini noma ubusuku, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuzakuba ngukuKhanya.”

155 Manje, sibe nosuku. Liphuma kanjani ilanga na? Empumalanga. Ilanga elifanayo linqamula endaweni evundlile

futhi lishone entshonalanga, hhayi elinye ilanga, ilanga elifanayo. Futhi ngenkathi Liphuma empumalanga, lakhanya kubantu basempumalanga, amaSamariya namaJuda. Futhi ngenkathi Elapho Waveza isibonakaliso saKhe ukukhombisa ukuthi WayenguMesiya.

156 Manje, sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yosuku olukhwantabele, into ethize efana nangaphandle noma ukuba mnyama kancane. Sibe nezimvuselelo ezinkulu, sihamba kulokho kukhanya okukhwantabele esinakho. Sibe nosuku lapho besingenza khona inhlangano enkulu, sakhe amabandla amakhulu, isikole esikhulu, ikholiji. Yilokho kuphela, kulungile. Kodwa sekuyisikhathi sokuhlwa manje, ilanga liyashona.

157 Impucuko ihambe nelanga. Izimpucuko ezindala kunazo zonke yimpumalanga. IShayina iyimpucuko endala kunazo zonke. Nempucuko ihambe nelanga. Sikuphi manje na? OGwini lwaseNtshonalanga. Uma siqhubeka kancanyana, sibuyela empumalanga futhi. Sisesikhathini sokuhlwa. “Futhi kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Kuyini na? Ilanga elifanayo.

158 Manje, uNkulunkulu unguNkulunkulu ongenasiphelo. Akanasiphelo, siyakwazi lokho. Futhi uma Yena, emva kwayo yonke leyominyaka yokufundisa kwezihlakani, futhi Ufika kumJuda nomSamariya ngaphambi kokuphela kwesikhathi sabo, futhi wabakhombisa isibonakaliso sikaMesiya, Ubengeke abe nguNkulunkulu ofanayo uma Evumela thina beZizwe singene emqondweni wobuhlakani. Ufanele ngokoqobo enze into efanayo, futhi Wethembisa ukuthi Uyokwenza ebandleni labeZizwe.

159 Manje, ukuze kusizakale abazalwane bami abangabefundisi basesontweni, ukuze babe nomqondo, ukuqonda, kucace kakhudlwana mhlasimbe, mhlawumbe, uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

160 Manje, ake sibheke umzuzwana nje. Futhi ngiyacela, uma ngisho into ethize lapha ephambene ne—nebandla, noma okuthize, noma amahlelo athize, angikuqondile kulokho—lokho kukhanya, ngizama nje ukwenza iphuzu.

161 Bhekani u-Abrahama, wayengubaba wezizwe ukuba abe nguye, ngeNzalo yaKhe yobuKhosi, okwakunguKristu. Manje, kwakungeke kwenzeke, isithembiso esigcwele, kumaJuda, ngoba ngo-Isaka isithembiso sonke singesohlanga lwamaJuda, kodwa ngalolu izinsuku zokugcina Ukwethembisile ku-Abrahama neNzalo yakhe, okungukuthi, uKristu wayeyiNzalo yakhe, iBandla lingakuloluhlangothi. Manje, hhayi ku-Abrahama kuphela, kodwa iNzalo yakhe. INkosi ithanda, uma ngithola elinye ihora elengeziwe noma amabili, ngithanda ukunifundisa, u-*Abrahama NeNzalo yaKhe Emva kwaKhe*.

162 Qaphelani ukuthi Wamletha kanjani u-Abrahama kuleyomigamanxo yokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, into efanayo nje njengoba Ekwenzile lapha, ncamashi, wambeka njengendodana, futhi ngaphambi nje kokuba iSodoma libhujiswe.

163 Manje, gcina engqondweni, kunezigaba ezintathu zabantu, njalo, njengeJuda, oweZizwe, nomSamariya, lelo yikholwa, umzenzisi nongakholwa, ngakho si—sithola lokho. Futhi wonke umhlangano uyakuveza, sonke isixuku siyakuveza, sinakho nje.

164 Manje, bukani ngalolosuku, u-Abrahama akehlelanga eSodoma, kodwa uLoti wehlela eSodoma. Wayesalokhu eyikholwa, njengebandla elijwayelekile, ikholwa eligcina imikhuba, nokho wayeyikholwa. Futhi wayesezansi eSodoma ngoba wayecabanga ukuthi wayengenza imali ethe xaxa noma athandwe ngabantu kakhudlwana. Ngicabanga ukuthi uba yimeya yedolobha noma into ethize ezansi lapho. Nomkakhe wayengowawo onke amaklabhu, nokunye nokunye ezansi lapho, futhi kwakunzima kuye ukuba ahambe.

165 Kodwa ngaphambi nje kokuba lokho kwenzeke, manje, bukani, kwakukhona, u-Abrahama, wayengoKhethiweyo, futhi sonke siyazi ukuthi uKristu uzela iBandla elikhethiwe, ukuthi uHlwitho luyinsali, siyakwazi lokho, e, iBandla elikhethiwe, abanye bedlula ekwaHlulelweni, kodwa abaKhethiweyo uhamba kuqala oHlwithweni, ngoba bangengene ekwaHlulelweni.

166 UJesu wathi, "Okholwa yiMi unokuPhila okungunaPhakade. Ozwa amazwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuPhakade futhi akasoze eza ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuphileni." UJohane oNgcwele 5:24. SikuKristu, sesivele sahlulelwe, uNkulunkulu wasahlulela ngokukholwa kwethu eNdodaneni yakhe, uKristu Jesu. Futhi ngoMoya oNgcwele sibhaphathizelwa kulowoMzimba futhi sibe yingxenye kaKristu, aBakhethiweyo, iBandla elikhethiwe.

167 U-Abrahama wayemele iBandla elikhethiwe, ngokufanayo nje njengeBandla elikhethiwe leNzalo yakhe emva kwakhe kulolusuku. Niyakulandela na? U-Abrahama, hhayi u-Abrahama kuphela, kodwa iNzalo yakhe emva kwakhe. Futhi wayenguyise wezizwe, esikhona lapha namhlanje, ngingumIrishi, nabanye, mhlawumbe, iNdiya, nomunye waseNorway, nabanye abanye. Niyabo? Sonke sihlezi lapha, kodwa nge . . . UNkulunkulu wenze izizwe zonke ngagazi linye. Sonke simunye kuKristu, "Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sibhaphathizwa sibe-Mzimba munye." Kunjalo. Lelo yiBandla elikhethiwe.

168 Manje, kukhona ibandla elingakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, phandle lapho eSodoma, basazenza izinto

abazenzayo eSodoma: ibhingo, ibunco, amasapha amasobho, zonke izinhlobo zezinto, bagqoke njengezwe, baziphathise okwezwe, besalokhu bezibiza ngamalunga ebandla. Niyabo? Lelo yibandla laseSodoma. Manje, ngaphambi nje kokuba ukuphela kufike . . .

169 Manje, khumbulani, igama elithi *ibandla* lisho "ababizelwe ngaphandle," njengoba behlukanisiwe, behlukanisiwe nokungakholwa, bekholwa yilo lonke iZwi likaNkulunkulu.

170 Futhi bukani ukuthi u-Abrahama: U-Abrahama akangabazanga esithembisweni sikaNkulunkulu ngokungakholwa, akunandaba ukuthi kwathatha isikhathi eside kangakanani. O, ngenkathi—ngenkathi uSara eneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala no-Abrahama enamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, wayeyinyumba, wayengazali, futhi nokho, uNkulunkulu wamtshela ukuthi wayezoba nengane ngalowo wesifazane, futhi wakukholwa futhi wenza amalungiselelo ayo. Futhi eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu kamuva wayesalokhu ekholwa yinto efanayo, nokho kungekho bufakazi obubonakalayo, kwakuya kude ngaso sonke isikhathi.

171 Kodwa iBhayibheli lathi ukuhlala . . . Ungahle ukhulekelwe, uthi, "Angiboni mehluko kimi," bese-ke ubuyela emuva. Niyabo? Leyo akusiyo iNzalo ka-Abrahama. Lapho iNzalo ka-Abrahama ibamba lesosithembiso, akukho lutho oluzosigudluza, sizohlala khona lapho, akunandaba!

Sengiyamuzwa u-Abrahama ethi, uyangena, uthi, "Sara."

"Yebo, S'thandwa."

"Ngi—ngisanda kuhlangana noNkulunkulu phandle lapho."

"O!"

"Uthe sizoba nengane."

172 Ungathini nje ikhehla elineminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, isalukazi esinamashumi ayisithupha-nanhlanu, behlela kudokotela futhi benze amalungiselelo engane na? Udokotela uthi, "Ba, umfo omdala, umfo omdala bandla, uphambene." Niyabo? O, yileyondlela wonke umuntu ongokamoya, wonke umuntu othanda uNkulunkulu, bathathwa ngokuthi bathi *ukuphambana* kancanyana, niyazi, ngakho, "Ngani, umfo omdala, Myekeni; akanangozi."

173 Awu, uNkulunkulu watshela u-Abrahama, "Zahlukanise kokunjalo, phuma, suka kulokho kungakholwa."

174 Ngiyaxolisa, bodadewethu, ngifanele ngenze iphuzu lapha. Kodwa mhlawumbe emva kwenyanga yokuqala, noma izinsuku e*zininingi kangaka*, sengiyamuzwa u-Abrahama ethi, "Kuthiwani nge . . .?" Niyabo, manje, khumbulani, wayesethi akabe

neminyaka engamashumi amabili esedlule ukuya esikhathini. Ngakho wathi, "Uzizwa unjani, s'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani. Yenza amabhuzu, nazo zonke izingubo zokulala ezincane, kanjalonjalo, uzoba nayo noma kanjani."

"Wazi kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo." Lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu washo njalo. Niyabo?

Awu, kwedlula unyaka. "Uthini ngakho, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu, kuzoba yisimangaliso esikhulu ngokwedlulele manje kunoma kwakunjalo endaweni yokuqala, sizoba nayo noma kanjani."

175 Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu yedlula, manje nangu, ugogo omncane, niyabo, no-Abrahama esemdala futhi eseshayekile ngokweminyaka, manje, "S'thandwa, uzizwa unjani manje na?"

"Akukho kwehluka, S'thandwa."

"Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani."

"Wazi kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo."

Manje, iNzalo ka-Abrahama ithatha ukuma okufanayo: "UNkulunkulu washo njalo."

176 Khona-ke uthi, "Awu, ngakhulekelwa, kodwa angikholwa ukuthi ngehlukile." Leyo akusiyo iNzalo ka-Abrahama. Qhabo, qhabo, iNzalo ka-Abrahama iyakukholwa.

Angikhathali ukuthi, odokotela abangamashumi amahlanu bebengama, bathi, "Uzofa."

"Qhabo, qhubeka, Dokotela."

"Wazi kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo." Lokho kuyakuxazulula.

177 Manje, qaphelani, wayelindile, iminyaka yase yedlule, ubuhle base bushabalele, futhi owesifazane wayesemdala, nowesilisa wayesemdala, futhi ngolunye usuku u-Abrahama, esalokhu ehlukanisiwe, kumele iNzalo ka-Abrahama namhlanje, yahlukaniswa nezwe, yabizelwa ngaphandle, yabekwa eceleni. Lowo ngamaKristu, amaKristu akholwayo angempela, abekwe eceleni, abizelwe ngaphandle. Manje, u-Abrahama, ehlezi phezulu lapho egqumeni, izinto zazingahambi kahle kakhulu, wayengacebile, izinkomo zazibulawa yindlala.

178 ULoti wayenza kahle, wayesezansi eSodoma, imeya yedolobha futhi, o, waye, umkakhe wayengowawo onke

amaklabhu, futhi bona, amadodakazi akhe ayengawazo zonke izinhlangano zomphakathi, futhi, he, sengiyabona ayefana nje nabaseSodoma. Ngakho nakho la babekhona, ezansi lapho eSodoma.

179 Ngakho-ke, ngoluny'usuku, ngenkathi u-Abrahama, ehlezi emthunzini wom-oki, lapho itende lakhe laligxunyekwe khona, wabona amadoda amathathu eza ehamba. Kukhona okuthize nje ngomKristu, lapho ubona uKristu, ungaqonda. Wabuka lawomadoda, wayesephuma egijima ukuyowahlangabeza. Manje, akenzanga njengomhedeni, athi, "MaKhosi ami." Wathi, "Nkosi yami, woza, Zihlalise phansi kwesihlahla futhi uphumule, futhi ngizokha amanzi amancane, futhi ngizogeza izinyawo zaKho. Zihlumelelise, futhi ngizoKutholela ucezu lwesinkwa ukuba udle." Wayefuna ukubabungaza, ngoba phansi enhliziyweni yakhe wayekholwa ukuthi kwakukhona okuthize ngalokho. Wayekubhekile, niyabo.

180 Ngakho bahlala phansi, futhi sengiyambona ebuyela ethendeni, waze wahlangana, ethendeni elikhulu, wathi, "Sara, sefa ufulawa." Ngamany'amazwi, "xova isinkwa," niyazi.

181 Futhi bangaki abake bazi ukuthi kwakuyini ukuxova isinkwa na? Ngiyakhumbula umama wami wayevame ukuba nesisefo esikhulu esidala, futhi wayenomgqomo omkhulu omdala, sasifaka impuphu lapho. Futhi wayenocezu, wayehwaya lolocezu ngqo phezu kwalesosefo, niyazi, bese eshikizisa impuphu ukuze enze isinkwa sommbila.

Futhi ngakho, wahamba wayesethi, "Xova i—impuphu, noma, ufulawa." Futhi wathi, "Yenza amaqebelengwane eziko."

Futhi wagijimela phakathi komhlambi, futhi wathola inkonyane encane, wase eyihlinza, uyinika indoda, noma, uyibulalile, bese eyinika inceku ukuba iyihlinze.

182 Futhi wabuyela emuva waphuma futhi wama phambi kwabo, wakhipha inyama wayeseyibeka phansi. Manje, khumbulani, badla inyama, futhi baphuza ubisi, futhi badla isinkwa.

183 Qaphelani, futhi wakuphakela Bani lokho na? UNkulunkulu. Lowo kwakunguNkulunkulu, u-Abrahama waMbiza ngo-Elohim. Nina bazalwane niyakwazi lokho. U-Elohim nguYe okhona ngokwamandla aKhe, njengoba Eqala kuGenesisi 1, u-Elohim. U-Elohim, uNGINGUYE omkhulu, enyameni yomuntu, edla inyama, ephuza ubisi, edla isinkwa sommbila, futhi ehlezi phansi komthunzi wesihlahla, enothuli ezingutsheni zaKhe, uMuntu ojwayelekile nje. Kodwa u-Abrahama wayazi ukuthi lokho kwakungaphezu komuntu.

184 Amabili awo asukuma futhi ehlela eSodoma. Ehlela lapho ukuyoshumayela, ezansi ukuya eSodoma. O, uma ungowomoya mhlawumbe uzokubamba. Niqaphelile na? Lawo amabili ehlela lapho, awenzanga-zimangaliso, kuphela

aphuphuthekisa amehlo abo emnyango. Nokushumayela iVangeli kuphuphuthekisa amehlo abangakholwayo. Kodwa kwakukhona amadoda amabili ehlela lapho ukuyoshumayela, ukukhipha uLoti eSodoma.

185 Bukani namhlanje, akumangalisi yini kulolu izinsuku zokugcina, ukuthi konke kusukela phansi onyakeni, ngonyaka weNzalo ka-Abrahama, umgamanxo webandla, sibe noMoody, uSankey, uFinney, uKnox, uCalvin, uSpurgeon, uWesley, kanjalonjalo, kodwa neze, futhi saba noBilly Sunday, kodwa asikaze sibe naye, ngaphambili, uBilly *Graham*.

186 Qaphelani, iNgelosi yayishintshe igama lika-Abrama laba ngu-*Abrahama*, lipelishwa A-b-r-a-m-a, A-b—A-b-r-a-h-a-m-a, emnika ingxenye yeGama laKhe, u-Abrahama, u-Elohim, ngoba wayezoba nguyise wezizwe, futhi.

187 Futhi alikaze ibandla lezihlakani kusukela phansi onyakeni, like lemukele isithunywa, ekade saziwa ngamazwe ngamazwe ngaphambilini, negama eligcina ngo h-a-m. Niyabona ukuthi kukuphi na? UBilly Graham wesimanje ezansi eSodoma, "Phumani kulo." Yilokho uBilly Graham akumemezayo, "Phumani kukho, ukuphela sekuseduze." U-G-r-a-h-a-m, neze emlandweni webandla, kodwa lokhu yikho. Bhekisisani iNkosi yethu ibhekisela kukho.

188 Kwase kuthi-ke kwabakhona iNgelosi eyodwa esukumayo, yahlala no-Abrahama. Bhekisisani ukuthi nhloboni yesimangaliso Eyasinika leloBandla elikhethiwe. Yayifulathelise umhlane waYo ethendeni. Ayimbizanga ngani ngo-Abrama na? Yathi, "Abrahama, uphi umkakho," hhayi u S-a-r-a-y-i, kodwa u S-a-r-a, "uphi umkakho, uSara na?"

189 Wayesethi, "Usethendeni emva kwaKho." IBhayibheli lasho ukuthi i—ithende lalisemva kweNgelosi, noma, isiThunywa, isiThunywa sihlezi lapho sidla inyama, siphuza ubisi. Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

Yathi, "Abrahama, Ngi," o, isabizwana somuntu, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, njengoba Ngikwethembisile."

190 Manje, ngikhuluma nje ezethamelini ezixubile, nani manenekazi amancane, ngiyaxolisa, uma lokhu kuyicala, kodwa kungukuveza iphuzu: Manje, iBhayibheli lathi bobabili base begugile impela, njengendoda nomfazi, kwase kunqamukile iminyaka. Niyabo, babeneminyaka eyikhulu ubudala. Mhlawumbe iminyaka engamashumi amabili babengakaze babe njengendoda nomfazi. NoSara, enhliziyweni yakhe, wahlekela ngaphakathi, ethi, "Mina, isalukazi, esineminyaka eyikhulu ubudala, bengingaba nenjabulo nenkosi yami," umyeni wakhe, "futhi na? Ngani, bekungeke kube njalo, lezozinto kade zingenathi iminyaka ngeminyaka neminyaka. Bekungaba kanjani na?" Futhi wahlekela ngaphakathi.

NeNgelosi yathi, “Uhlekeleni uSara, ethi lezizinto bezingeke zenzeke ngempela na?”

191 Yathini iNkosi yethu na? “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Ini? IziNkanyiso zakusihlwa zethenjiswa abeZizwe. UNkulunkulu ofanayo owazibonakalisa Yena uqobo lapho, emzimbeni womuntu, futhi wanyamalala ngesikhashana, lowoNkulunkulu ofanayo ubeyozibonakalisa Yena uqobo kubantu, inyama yomuntu, isimo sikaMoya oNgcwele, abantu abakholwayo, ngezinsuku zokugcina ekuKhanyeni kwakusihlwa. UJesu washo njalo. Ini? KwabeZizwe, iNzalo ka-Abrahama, okwakuyizizwe eziningi.

192 Babenezabo, iNgelosi eyayizenzile, isibonakaliso e—ebandleni lehlelo, UG-r-a-h-a-m, wenza isibonakaliso saKhe. Kunjalo.

193 Futhi manje, iNgelosi kaNkulunkulu ingena eBandleni, elikhethiwe, iNgelosi ivela eZulwini, uMoya oNgcwele, isiThunywa, ukufakazisa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, Akwenza ngaleyonkathi, Uyakwenza manje.

194 UJesu wathi, “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.” Futhi uma ukuphila okusegatsheni kuveza igatsha, liyoletha ukuphila okufanayo okusemvinini. Futhi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, eminingi kunale niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba.”

195 Ibandla, isihlakaniphi, linesithunywa sawo. IBandla, elingaphezu kwemvelo, linesiThunywa saLo, uMoya oNgcwele, wenza futhi wenza zona impela izibonakaliso uJesu azenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Manje-ke kuyini ukuKhanya kwanamhlanje na? UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.

196 “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Khona-ke lokho Ayeyikho izolo, Uzoba yikho namhlanje. Wakwenzani na? KumaJuda namaSamariya, hhayi kwabeZizwe; kodwa wethembisa ngesikhathi sokuhlwa eNzalweni ka-Abrahama, kuyoba yinto efanayo.

197 Manje, bengingakhuluma elinye ihora, noma *kakhulu kangako*, ngakho, kodwa iZwi elilodwa elivela kuYe liyoba ngaphezu kwezigidi eziyishumi, mina, noma yimuphi omunye umfundisi, obengasho. Manje, siyazi ukuthi lokho kuqinisile, lowo ngumBhalo, leso yisithembiso. Kodwa manje, Yena uzokwenza na? Lowo ngumbuzo: Ngabe Uzokwenza na?

198 Futhi siyini na? Sisesikhathini sokuhlwa. Siphila ngaphansi kweziNkanyiso zakusihlwa. Khumbulani, ilanga elifanayo eliphuma empumalanga yilanga elifanayo elikhanya entshonalanga. Futhi ilanga i s-u-n eliphuma *lapho*, ilanga i s-u-n elifanayo elishona *lapha*. INdodana i S-o-n eyakhombisa

ukukhanya ku*lokho*, iNdodana iS-o-n efanayo ngosuku lokugcina kumaSamariya, nakumaJuda ayeMbhekile, futhi manje kwabeZizwe, njengoba siMbheke ngesikhathi sokuhlwa. UNkulunkulu abe nomusa kini.

199 Ngiyazi nifanele niphuthume ekhaya, nidle ukudla kwenu kwakusihlwa, bese nibuyela esontweni futhi. Khumbulani, hlolani imiBhalo, lethani amaphepha enu futhi nnnnibhale phansi imiBhalo engiyicaphunayo. Uma ingalungile, u—ubophezelekile ngesizotha ukuza kimi futhi ukhombise. Angifuni ukuba nephutha, kodwa anginaphutha inqobo nje uma umBhalo uthi *kunjalo* noNkulunkulu uyakuqinisa. Umuntu angasho noma yini ayifunayo, lowo ngumuntu, kodwa lapho uNkulunkulu ekhuluma, akalokothe noma ubani akungabaze. Kungukwehlukana kwaPhakade eBukhoneni baKhe, kuze kube phakade.

200 Manje, besingenzani na? Uma singaqonda futhi sithole ukuthi uJesu usaphila...Ngani, thina, namhlanje, siya enkonzweni, senza sengathi siya enkonzweni yomngcwabo esikhundleni se...si—sizo—sizonika udumo kwabafileyo, esikhundleni sokukhonza futhi sithi bayede kuMnqobi. UKristu wanqoba ukufa, Wanqoba isihogo, Wanqoba ithuna, Wanqoba isono, wanqoba ukugula. Sithi bayede kuMnqobi, hhayi othile owafa ezinkulungwaneni zeminyaka eyedlula owayephila impilo enhle, kodwa uKristu owavuka futhi, futhi unguye izolo, namuhla, naphakade.

201 Ngingahle ngibe namadlingozi kancane kodwa uma uzizwele ngendlela engizizwe ngayo, ubungaba namadlingozi nawe, ngoba ngizizwa nginokukholwa impela khona ngalesisikhathi, ngoba ngi—ngiyazi ukuthi Uyaphila, nemiBhalo iqinisile. Ngoba Uyaphila, ungaphila nawe. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

202 Khona-ke, Nkosi Jesu, ngena phakathi kwethu, ngena enyameni yethu, ngena kubafowethu abangabefundisi, ungene kimi, kini phandle lapho, futhi nje uze futhi masizinikele kuWe, bese-ke Wena wenza futhi ukhombise ukuthi UnguKristu ophilayo, uMoya kaNkulunkulu ohlala phakathi kwethu, owenza futhi ugcina iZwi laKho, futhi uqinisa okuthenjisiwe.

Asikhuleke manje, amakhanda ethu ekhotheme.

203 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, uMqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle neziphelele, nalesoSipho esiphelele kakhulu, Nkosi, esingacabanga ngaso kwakuyiSipho Owasipha sona, iNdodana kaNkulunkulu, nokuthi Iyaphila namhlanje, kuze kube phakade, futhi IbineBandla kusukela phansi kulesisikhathi esikhwantabele.

204 Futhi manje njengoba sibona kulolusuku, ukuthi ukuKhanya kukhanya ngesikhathi sokuhlwa kubantu

basentshonalanga, ufakazisa ukuthi Uyaligcina iZwi laKho ncamashi, futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi wonke owesilisa nowesifazane lapha namhlanje bangaKwemukela, bakholwe kuYe. Labo abangaMazi njengoMsindisi wabo, kwangathi bangaMemukela njengamanje, futhi bathi, "Nkosi, Wena siza ukungakholwa kwami."

205 Kwangathi labo abangakagcwaliswa ngoMoya enkonzweni, kwangathi bangathi, "Yebo," lowo, u "yebo" waPhakade, kuMoya oNgcwele omkhulu.

206 Futhi ngifundile eZwini laKho namhlanje, Nkosi, mhlawumbe ngingafundile futhi ngingenele, ngingenele neze ukuveza noma ukwethula imiBhalo, kodwa engishoda ngakho, kwangathi uMoya oNgcwele angakugcwalisa ekuqiniseni. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungaba lula kakhulu kubantwana abancane bazokubona, bonke bazokholwa.

207 Siphe ukuthi wonke umuntu lapha ogulayo, angahle abone, futhi aqaphele, futhi athi, "UJesu, iNkosi yethu, uyaphila, futhi ngiyakholwa kuYe ngokuphulukiswa kwami." Futhi odokotela babo, akungabazeki, bazobatshela khona lapho, "Kukhona intuthuko *engako* kuwe." Khona-ke phansi ezinhliziyweni zabo bazokwazi ukuthi uJesu ungene ukuzongamela udaba, futhi bayakusinda. Siphe khona, Nkosi.

208 Busisa lababefundisi o—ohlezi emuva lapha kulomsamo. Futhi akungabazeki bakha amabandla amaningi ehlukene. Futhi busisa umelusi walelibandla, busisa abadikoni balo, abaphatheli balo, busisa bonke abantu abangafundele lutho ndawo zonke.

209 Futhi kuso sonke lesisigodi nalenkangala, thumela imvuselelo kuwo onke amabandla, thumela imvuselelo kwiSheshi, nakumaPresbyterian, nakumaPentecostal, nakubo bonke, Nkosi, ukuze kungaba nokuvakashelwa okukhulu kukaMoya oNgcwele kaNkulunkulu lapha eGrande Prairie, ukuthi izindaba ziyosakazeka kuzo zonke izifundazwe, nasezizweni zonke, nokubusa, ukuthi uJesu usaphila.

210 Silangazelela ukuMbona, Nkosi. Futhi njengoba umfowethu ekusho kahle kulokhu ukusa, ngenkathi ethi, ekhuphuka, ubenze, elandela izigxobo zamasayini, ebuka isayini, ukuthi uzofika ngayiphi indlela eGrande Prairie, bekungesiyo isayini emlethe lapha, bekuyisayini emkhombe lapha. Ngakho kwangathi bangaqonda namhlanje, njengoba ngicaphune imiBhalo, "Sithanda ukubona uJesu," kwangathi wonke umuntu lapha angakwazi ukuKubona, Nkosi, emandleni okuvuka kwaKho, ephila phakathi kwethu.

211 Futhi lapho sesihamba kulentambama, njengoba ngike ngacaphuna ngaphambili, kwangathi singaya ekhaya njengalabo abavela e-Emawuse. Bahamba naWe usuku lonke, Wakhuluma nabo, wabachasisela imiBhalo, kodwa

abaqondanga ukuthi kwakunguWe, kwase kuthi-ke ngalokho kuhlwa, ngenkathi Wenza sengathi Ubuyoqhubeka, futhi ba—baKuphoqelela ukuthi Ufanele ungene futhi uhlale nabo, O Nkulunkulu, kwangathi abafundi namhlanje, njengoKleyophase, bangaKuphoqelela ukuba uze futhi uhlale nathi, Nkosi. Futhi ngenkathi Ungena endaweni yabo encane yendlu yezihambi encane, futhi Wavala iminyango, futhi khona-ke Wenza into ethize njengoba Wenza ngaphambi kokuba Ubethelwe, namehlo abo avuleka, ngokuba bazi ukuthi akukho-muntu owakwenza kanjalo nje.

212 Baba, singabefundisi, nabefundisi basesontweni, nezithunywa zesivumelwano, kodwa singeke sakwenza ngaleyondlela, Nkosi. Singeke sazenza izinto Owazenza, kodwa Ungeza futhi ugcwalise iZwi laKho ukuthi—ukuthi imisebenzi Owayenzayo, besiyoyenza nathi.

213 Khona-ke woza, Nkosi Jesu, futhi wenze izinto njengoba Wakwenza ngaphambi kokuba Ubethelwe, ukuze lomKristu, abantu abesaba uNkulunkulu bangahle babe nesiqiniseko sokuthi iNkosi yethu ayifile, kodwa Ivukile futhi, futhi kwangathi, njengoKleyophase nomngane wakhe, bangaya endlini ngendlu bethi, "Ngempela, iNkosi ivukile," benezinyawo ezilula nenhliziyo elula, hhayi ukuphikisana nenkolo yabo, kodwa ukuba bathi, "INkosi ivukile." Siphe khona, Baba.

214 Siyazinikela, imizimba yethu, imimoya yethu, nakho konke okukithi, sinikela kuWe manje, silindele ukuzwa iZwi elilodwa nje elivela kuWe, futhi Liyokwenela, Baba. Uma nje Uzofakazisa ukuthi Uhlala lapha phakathi kwabo, khona-ke bazoKukholwa, Nkosi, laba abanezinhliziyo eziqotho, abantu basenkangala, bazoKukholwa, bese kuthi-ke bazoya ekhaya, ngeke badingeke bathi, "UMfowethu Branham wenza u*kuthi-nokuthi*," ngoba bayazi ukuthi bengingeke, kodwa bayothi, "INkosi yami iyaphila, futhi ngiyaYithanda, futhi ngizoYikhonza, futhi ngizokwethamela ibandla laYo, futhi ngizo, ngi—ngizokwenza umsebenzi wami njengomKristu, ngizofakaza, ngizoYikholwa zonke izinsuku zokuphila kwami." Yileyonhloso esiyicelayo, eGameni likaJesu. Amen.

215 NiyaMthanda na? Nonke nina maMethodisti niyaMthanda na? AmaBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, bonke bayaMthanda na? Asicule ivesi elilodwa nje elincane. Ngiyathanda ukuMkhonza emva kokugawula eZwini kanjalonjalo. AsiMkhonze nje ngeculo ngalelohubo elimnandi elidala lebandla, *Ng'yaMthanda*. Bangaki olaziyo na? "Ng'yaMthanda, ngoba . . . " Asilicule.

216 Futhi asivumele . . . Ningaqapheli ukuthi ubani ohlezi eduze kwenu, ningazami ukuba ne . . . Noma yini engingayithandi, yizwi eliqeqeshwe ngokweqile, bebambe iphimbo labo kuze kuthi ubuso babo bube luhlaza sasibhakabhaka,

abaculi, bayampongoloza nje. Kodwa ngiyakuthanda okuhle, imfashini endala, ukucula okusuka enhliziyweni, lapho ongahle ungakwazi khona ukucula kahle, kodwa nokho, ucula ngokusuka enhliziyweni yakho. Manje, wena uthi, "Awu, angisuye umculi." Lokho akunandaba. Yenza umsindo wenjabulo, khona-ke, eNkosini. UmBhalo usho njalo.

Ng'yaMthanda, Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

217 Manje, sisalicula futhi, xhawulanani, nina, nonke nina mahlelo ehlukene nehlukene, xhawulanani, nithi, "UNkulunkulu akubusise, ngiyajabula ukuba lapha ekukhonzeni." Ngizamani, ngenzani na? Tholani uMoya kaNkulunkulu uhamba phakathi kwenu. Niyabo?

Ng'yaMthanda (. . .?. . .)
Emthini waseKalvari.

218 Manje, niyazi ukuthi besifanele senzeni na? UPawulu wathi, "Uma ngikhonza, ngiyokhonza ngoMoya; uma ngicula, ngicula kuMoya." Ngakho-ke asikwenze kokubili ndawonye, njengoba siphakamisa izandla zethu futhi sivala amehlo ethu, kancane ngempela nangobumnandi eMoyeni:

Ng'yaMthanda (. . .?. . .)
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
KowaseKalvari . . .

Manje, asikhothamise amakhanda ethu futhi silihamishe.

Manje, upiyano luyalidlala, ngenkathi thina ezinhliziyweni zethu sikhonza.

219 O Jesu, Ndodana kaNkulunkulu, Mbali yaseSharoni, Mnduze wesiGodi, Nkanyezi yoKusa, sibancane ngesibalo, Nkosi, lapho sekuza ezibalweni zezwe, kodwa njengoba kusho umBhalo, sinoJesu.

220 Asizami ukuncintisana nezwe ekuzilolongeni kwabo okubalulekile kwengqondo. Asizami ukubenyezela sibedlule ngemidlalo yebhola nemibungazo yezihlakani, singeke sahlangana nabo, Baba, wena wathi, "Abantwana bobusuku bahlakaniphile kunabantwana bemini." Ngakho siyakwazi lokho, Baba, kodwa sinoJesu, abanaWo.

221 Futhi uma lowomuntu elapha, namhlanje, ongenaye uJesu, futhi bazi ukuthi bedlulile ekufeni bangena ekuPhileni, kwangathi leli kungaba yihora ukuthi bazoMemukela manje, njengoMsindisi wabo, bagcwaliswe ngoMoya waKhe, ngokuba siyakucela, eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe, siyakhuleka. Amen.

Ngi (. . .?. . .)
Ngoba Wang'thanda kuqala . . .

Awukuthandi nje lokho na?

O, yeka inhlanganyelo, o, yeka injabulo yobuNkulunkulu,
Ukuncika ezingalweni zaphakade;
Nginokuthula okuphelele neNkosi yami eduze kakhulu,
Nje ngincike ezingalweni zaYo zaphakade.

Manje, nibahle kakhulu, ibandla elikahle kakhulu, kunjalo, ngiyazi uNkulunkulu uzonenzela okuthize.

222 Manje, ngisanda kucela indodana yami, ngokwejwayelekile sikhipha amakhadi nsuku zonke. Ikhadi alikwenzeli isiqiniseko sanoma yini. Kungukubamba ikhadi nje ukuze si . . . Ngizonikhombisa kulelibandla elincane. Bangaki lapha ofuna ukukhulekelwa, noma ngabe unalo ikhadi noma qha na? Phakamisa isandla sakho. Konke nje kulo lonke ibandl- . . ., manje, ubani ozoba ngowokuqala na? Nakho la ukhona. Niyabo? Ufanele ube nendlela ethize yokubagcina besemgqeni.

223 Manje, niyabo, ngi . . . Luphi uhlamvu na? U-A. U-A, owokuqala kuya emashumini amahlanu. Kulungile. U-A, inombolo yokuqala kuya kweyamashumi amahlanu yilapho esiqala khona ukukhulekela abagulayo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Angimazi umfana. Angikaze ngimbone. Ngizomfulathela, njengoba ngikhulume kini ngaleyonto kulentambama.

224 Mnumzane, angikwazi wena. Uma siyizihambi omunye komunye, phakamisa isandla sakho. Futhi angikaze ngikubone empilweni yami, akungaphezu kokuba wenyukele lapha. Manje, ngikufulathele.

225 Kodwa ukuvumela abantu, ibandla libone (uma Ezokwenza) ukuthi Uyasigcina isithembiso saKhe: Njengoba Efika enyameni ngaleyonkathi, futhi Wazibonakalisa ku-Abrahama, Uza enyameni yakhe Ayihlengile, futhi Azibonakalise eNzalweni ka-Abrahama. Niyakuqonda lokho na?

Manje, uNkulunkulu waseZulwini uyazi, angiyazi indoda.

226 Manje, ngithatha wonke . . . Nangu, Ulapha manje. Ngithatha bonke omoya ngaphansi . . . phakathi lapha, ngaphansi kokulawula kwami eGameni likaJesu Kristu. LeyoNsika yoMlilo eniyibona esithombeni, Ayikho emafidini amabili ukusuka lapho engimi khona manje.

227 Manje, makuthi indoda esemva kwami, ikhuleke nje, ithi, "Nkosi," kumbe noma yini engalungile, ingahle ukuba iyagula, ingahle ibe nezinkathazo zezimali, a—angazi. Noma ngabe kuyini, makuthi uMoya oNgcwele ufakazise iZwi likaNkulunkulu khona lapha phambi kwenu.

228 Manje, Nkulunkulu waseZulwini, kusezingalweni zaKho, ezandleni zaKho, ngiyinceku yaKho nje. Futhi makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu futhi ngikhuluma uMlayezo waKho uqinisile futhi uhlanzekile. NgiKuhloniphile, Nkosi, manje, hlonipha iZwi engilishumayelile. Ngizinikela kuWe eGameni likaJesu Kristu, ukuze lababantu bazi ukuthi Wena unguNkulunkulu futhi ngingumprofethi waKho.

229 Indoda emi emva kwami ayizikhulekeli yona, ikhulekela omunye umuntu, nalowo ngumntwana, umntwana akekho lapha. Umntwana uhlushwa yisibhono. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, isibhono siyosuka kumntwana. Ngabe leyo izinto ilungile na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Khona-ke hamba futhi ukholwe futhi wemukele lokho okucelile.

230 Ngifuna ukukhuluma nawe, ungowesifazane. UJesu wahlangana nowesifazane emthonjeni ngesinye isikhathi. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana, ngiyethemba, empilweni, asazani. Lokhu . . . Usemncane kakhulu kunami, futhi mhlawumbe sazalwa ngamamayela ngokwehlukana, iminyaka ngokwehlukana, futhi lapha ngokokuqala sibonana. Manje, uJesu wahlangana nowesifazane ngesinye isikhathi, angisuYe, kanjalo nawe awusuye owesifazane, kodwa ukuze iZwi laKhe ligcwaliseke, ukuvumela abantu babone ukuthi— ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade . . .

Omunye ezethamelini, kukhona okuthize okwenzekile ezethamelini. Ngifanele nje ngikulandele, yi . . . Ngibona ukuKhanya, ngumbono, uyaphuma nje.

231 Anginazi, njengoba ngishilo. NoJesu wahlangana nowesifazane endaweni encane ebonakala ngasikhathi sinye njenga*le*, futhi Wakhuluma naye imizuzu embalwa ukuthola imfihlo yenhliziyo yakhe, futhi Wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Futhi wathi, ngokushesha, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto."

UJesu wathi, "NginguYe okhulumayo."

232 Futhi wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele ukuthi yini eyayingalungile," ukuthi yiziphi izinto azenza. Wathi, "Lowo akusuye yini uMesiya impela na?"

233 Manje, nenekazi, kulentambama, mina ngingakwazi, wena ungangazi, noma, mina, khona-ke uma uMoya oNgcwele uhlala ufana, owawukuJesu, ukithi, ngoba uNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo, niyabo, WayeyiNdodana kaNkulunkulu, futhi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu athathiwe, futhi uma Ezongitshela into ethize oyenzile, into ethize ohlele ukuyenza, into ethize oyizele lapha, ukugula, noma—noma omunye umuntu ufuna akhulekelwe,

noma okuthize, bekuyokwenza ukholwe futhi ube nokukholwa na?

Bezingakholwa zonke izethameli na? Uyamazi owesifazane, noma ubani na? Kulungile.

234 Manje, ningathuki. Wena ungumKristu, ngoba ngiyakuzwa ukungqangqazela kwakho komoya wakho. Uyabo? Uyikholwa elingumKristu, awunakho ongakhathazeka ngakho. Zithobe nje, kholwa. Into eyodwa ohlushwa yiyo yisimo sokwethuka, unokwethuka ngokwedlulele. Kunjalo. Futhi unenkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane, izindlala ezilengayo. Lelo yiqiniso.

235 Angikuqagelanga lokho. Bengizama ukuthola ukuthi lokho kuvelaphi. Angikuqagelanga lokho, lokho akusikho ukuqagela, lelo yiqiniso. Ngabe yiqiniso lelo, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho.

236 Ake ngibone, angazi ngisho ukuthi ngitheni, indlela kuphela engiyokwazi ngayo, ngukubamba iteyipu. Lolo ugcobo, ukwelinye izwe, elinye izinga.

237 Yebo, nangu eza, ngiyambona, espec-. . .leso yisimo sokwethuka, uhlushwa yikho, ikakhulukazi sekuhlwile kakhulu lapho esekhathele ngempela, uyakhandleka ngempela-ke. Futhi, yebo, ngiyabona ukuxilongwa kukhombisa ukuthi ubene—inkathazo yamanenekazi. Kunjalo. Naye futhi, une—nesimo senyongo, futhi unenkathazo yenhliziyo, yinhliziyo enokwethuka. Lezozinto ziyiqiniso, azinjalo na? Kunjalo.

238 Omunye umuntu ufuna ukuphulukiswa nawe, akunjalo na? Ngumyeni wakho, ohlezi khona lapha phandle. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngaye na? Uma ngizokwenza, ucabanga ukuthi ubengakwemukela njengokuphulukiswa kwakhe na? Ubuyokwenza na? Khona-ke isimo sesifuba somoya sizosuka kuye. Impela, uyakwenza. Hamba, ukholwe manje. Ungangabazi, uJesu Kristu uzokusindisa. UNkulunkulu akubusise.

Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

Sawubona?

239 Emuva le lapho, ngemuva, ohlezi emuva lapho, inenekazi lihlushwa amatshe enyongo. Kusukile kuwe khona-ke, nenekazi, ngokho ungahamba futhi usinde. UJesu Kristu uyakusindisa.

240 Angikwazi, siyizihambi omunye komunye. Uma uNkulunkulu ezongichazela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, futhi ukholwe ukuthi Uyaphila na? Ngifuna ukusho lento kuwe, u—uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo, omnandi ngempela, umuzwa othobekile.

Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze izethameli zikwazi ukukubona.

241 Ngibuka ngqo kulokhu ukuKhanya. Uma nina bazalwane lapha ningabona, bukani phakathi kwami naye, nibone lolohlobo lokuKhanya okunombala oyisimaragidu, kunyakaza na? Manje, lapha, owesifazane uyasuka kimi.

242 Yebo, unesimila, nesimila singakwesokunxele, ngasebeleni, ngaphansi kwebele langakwesokunxele. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kholwa kuYe ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaphulukiswa. Unokukholwa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ungangabazi manje, yiba nokukholwa nje, uthi, "Ngiyakholwa."

243 Niphethwe amakhanda, aninjalo na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Ya. Awusalidingi. Angikwazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uthinteni wena na?

244 Ngiyanibuza, uthinteni yena na? Uqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi, noma amashumi amathathu. Akazange angithinte, kodwa uthinte lowomPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bakhe. Yingalesosizathu engaphulukiswa, ngoba yena uyakholwa. Nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe. Bhekisisani ukuthi kwenzekani.

245 Leli inenekazi, i...? Sawubona, nenekazi? Siyizihambi komunye nomunye, futhi, ngiyacabanga. UNkulunkulu usazi sobabili, ngabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu usazi sobabili na?

Ukhulumani, isiNorway na? Woza lapha. Noma ubani ongumJalimane na? Uphi lowomfowethu ongumJalimane na? Uyasikhuluma isiJalimane na? Ya?

Siyizihambi komunye nomunye na? (Qhabo, wena—wena kusho kuye, ngesiJalimane, uyabo.) Angikwazi.

246 Yebo...?...Yebo, mnumzane. Lokho kulungile. Umzuzwana nje. Manje, bhekisisa umbono. Ungasho ukuthi, "umbono"? Uma ngibona umbono, mtshele, inkathazo yakhe, ngakho uyakholwa. Uma ngi...Ufuna—ufuna—u...?...Ngabe ungumJa-...? Wena ukhuluma isiJalimane na? Kulungile. Umzuzwana nje. Ya. Niyabo, ukuthi umbono uyini. Manje, ufanele ukubambe ngokushesha impela, ngoba kuyangishiya. Manje, vele usho engikushoyo. Niyabo? Ngakho uzo...Wena kusho ngesiJalimane.

247 Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyahlushwa...(Ngiyakubamba manje, linda ngize ngikubambe futhi. Uyabo? Hhe? Asikubambe lapho kufika, ngoba ngifanele ngikusho njengoba ngikubona. Ube...Bengiqhubekela ngqo, kodwa umbono ungishiyile umzuzwana nje.) Unenkathazo yesisu futhi kuvela esimweni

sokwethuka. Isimo sokwethuka sibanga inkathazo yesisu. (Kusho manje.) Ngingakwazi kanjani lokho lapho ngingakwazi ngisho ukukhuluma ulwimi lwakho uqobo na? UNkulunkulu uyakwembula kimi.

Kukhona okuthize enhliziyweni yakho. Ufuna omunye umuntu akhulekelwe, ngumyeni wakho, kusezindlebeni zakhe, akekho lapha, kodwa uma uzokholwa!

Manje, uyasiqonda isiNgisi!

Manje, ungahamba futhi ukwemukele eGameni likaJesu, futhi uthole okucelayo.

248 Manje, kuthiwani ngalokho na? Niyabo, ngenkathi kufika ukuhumusha ngokobuNkulunkulu, uwele emgudwini. Kuyofika . . . Bengicabanga ukuthi mhlawumbe bekuyokwenza, ukuze nibone ukuthi uNkulunkulu ubengakwenza uqonde noma yiluphi uhlobo lolwimi olufunayo. Futhi ngenkathi ngisesembonweni, ngingazi ukuthi bengikhulumani, wakuqonda ngesiNgisi ngaleyonkathi. Niyabo? Bekulapho-ke, i . . . O, Akasuye ngempela na? Manje, leyo yiNkosi yethu uJesu, Onguye izolo, namuhla, naphakade.

249 Vele ubeke isandla sakho kwesami. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke isifo sikashukela sizokushiya, futhi ungaya ekhaya, uphile. Ya, e-hhe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

250 Ngenkathi umi lapho, ungikhulumela, kade ukhubazekile ngapha uphethwe yisifo samathambo, awukwazanga neze ukuvuka ekuseni. Ngibe nesikhathi esinzima, yilokho okungenzile, phakathi kombono, ubunokukholwa okuningi kakhulu, ubukudonsa kulowo wesifazane ngaso sonke isikhathi. Lesosifo samathambo obunaso, khohlwa yiso, qhubeka, uzoba kahle futhi uphile. UNkulunkulu uyakusindisa.

Awu, iqolo selilungile manje, ungaya ekhaya, usinde. UJesu Kristu uyakusindisa.

Manje, awuzizwelanga ukahle ngempela ngenkathi ngisho lokho na? Ngoba ubunento efanayo, futhi waphulukiswa ngesikhathi esifanayo.

Ake sithi, "Makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu."

Futhi into efanayo futhi. Ngithi! Isimo seqolo! Mayidunyiswe iNkosi. Hamba ukholwe, ngayo yonke inhliziyo yakho.

251 Manje, uhlushwa yisimo sokwethuka ngalesisikhathi. Wonk'umuntu, bayazama, bekutshela, "Hlakanipha," kodwa ungeke, kukhona okuthize okukusabisayo nokukukhathazayo. Angifundi ingqondo yakho, kodwa ubungeke uyifihle impilo yakho manje uma ubufanele, uyabo. Kodwa kade uzama ukuthola indawo lapho obungaqala khona, uthi, "Kusukela

khona *lapha*, ngizoqala, kusukela *lapha*." Ngabe kunjalo na? Usendaweni khona manje. Kholwa eNkosini uJesu Kristu, ukwethuka kuzokushiya. Hamba, futhi uphile eGameni likaJesu Kristu.

252 Ubhekene nokuhlinzwa kwethumba. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaliphulukisa ithumba, alisuse ehlombe lakho, futhi akusindise na? Ehlombe lakho lesokunxele. Hamba futhi ukholwe, futhi lizokushiya.

Asithi, "Mayidunyiswe iNkosi."

Isifo samathambo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi Uzokusindisa futhi akuphulukise na? Hamba, unokukholwa kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uzokupha khona.

253 Manje, ngenkathi wenyukela lapha emizuzwaneni embalwa edlule, futhi ngidingeke ukuba ngikubize, ubuthe ukukhandleka kancane. Bengingafuni ukuthi ukhandleke, ngoba umuntu onenkathazo yenhliziyo akafanele neze akhandleke, kodwa awusenakho manje, uJesu uyakusindisa, ngakho vele uhambe uqhubeke ngendlela yakho.

Uyakholwa phandle lapho ngayo yonke inhliziyo yakho na?

254 Kuthiwani ngenenekazi elihlezi lapha elinemithambo eyimiqhansa, lingibuka na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Kukholwe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

255 Inenekazi elihlezi emuva lapho linenkathazo ngomlenze walo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphulukisa isitho, akusindise na? Uma ukukholwa, kwemukele nje bese uthi, "Makabongwe uNkulunkulu," ungaba nakho.

256 Nginiphosela inselelo nonke eGameni likaJesu Kristu, ukukholwa ukuthi lowo nguNkulunkulu ekhombisa isibonakaliso sokuthi UsenguMesiya. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na? Phakamisani izandla zenu.

257 Manje, ngizonicaphunela iZwi laKhe. Nakhu Akusho . . . Manje, Ukhona, angeke ngizenze lezozinto. Ngiphelelwa amandla, angikwazi ukunibona impela nje manje, niyabo, ngoba nje kuyafiphala. Uma omunye walabo . . .

258 Owesifazane wathinta ingubo yaKhe futhi kwenzekeni na? Kanjani . . .? Ucabanga ukuthi ubengenzani, Yena iNdodana kaNkulunkulu, nami isoni esisindiswe ngomusa na? UDaniyeli wabona umbono owodwa, wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Futhi kukufikisa endawaneni lapho . . . Futhi ngibuthakathaka, empeleni, kusukela ezinyangeni eziyisithupha zokuhamba.

259 Manje, Ulapha. UKristu kaNkulunkulu ulapha. Ngabe ukhona lapha ongakaze abe yikholwa kuze kube yilesisikhathi,

bebengathanda ukuphakamisa izandla zabo bese bethi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele, manje ngiyakholwa eNkosini uJesu Kristu ngayo yonke inhliziyo yami futhi ngiMemukele njengoMsindisi wami"? UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, nenekazi. Angabakhona omunye na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho. Phansi kwedlule esikhaleni esiphakathi nezihlalo na?

260 "Mina manje, eBukhoneni bukaKristu ovukileyo, Engiyoma phambi kwakhe ngoSuku lokwaHlulelwa!" Khumbulani, niyoma phambi kwawo impela uMoya olapha manje, ngoSuku lokwaHlulelwa, ukulandisa ngalokho okwenzile kulentambama. UzoMemukela na? UzoMemukela na?

261 Ukhona kulesisikhala sezihlalo esingakwesokunxele ezansi lapha na? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Bengiyilunga lebandla. Angikaze ngempela ngizalwe ngokusha, angazi ukuthi kusho ukuthini ukuba ngumKristu ozehlukanisele ngokugcwele, kodwa manje ngihlukanisela impilo yami kuYe. Ngifuna ukuba ngumKristu, ngenkathi uBukhona baKhe buselapha, futhi uyazi."

262 Wena uthi, "Yini i. . .Ngazi kanjani na?" Niyazi na? YiLowo okhuluma nawe, khona manje enhliziyweni yakho. Ukuthi. . .

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org